

UKUTHUKWA NGENXA YEZWI

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, “Amen.”—Umhl.]

Ngithe kuMfowethu Neville, “Uqinisekile ukuthi awunalo ugcobo oluncanyana kulokhukusa na?”

² Ngehlela ukukhulekela abagulayo. Bekukhona abanye abantu ababuthana kulokho esi...kwangeSonto ekuseni. Engifanele ngikubambe lapho, ngingabo nje beza lapha ebandleni. Futhi ngi—ngihlale ngicabanga ukuthi kungcono ukukhulekela abagulayo ngasebandleni. Angazi. Ngiyalithanda ibandla, futhi ukwehlela lapha lapho inhlango yebandla, abantu phandle lapha bekhuleka.

³ Futhi bekukhona intombazane encane emuva lapho, intombazanyana enhle kunawo onke, ngani, ngicabanga ukuthi ihlezi ndawondawo phandle lapha manje, uma abantu bengayanga ekhaya. O, ngiyabona manje. Futhi leyo yinto encane enhle kunawo onke. Futhi igula kakhulu. Futhi besilalele, lapho sizwa umyalezo wezilimi nokuhunyushwa kuya phambili. Futhi besilalele, futhi sicabange ukuthi siqondile ukuthi okuthile kushiwo ngentombazanyana. Futhi besilindile ukubona uma iNkosi inikeze umlayezo, ukuthi yini engashiwo phakathi lapho. Kodwa ngicabanga ukuthi intombazanyana isikahle manje, futhi izosinda. Futhi ngakho-ke...

⁴ Futhi bekukhona inenekazi ebelilahlekelwe ukubona kwalo, futhi, futhi besilikhulekela. Futhi omunye umuntu kwi-ambulensi laphaya, umfundisi. Angicabangi ukuthi indoda ibiyosinda amaphawondi angamashumi amathathu nanhlanu, noma amashumi amane. Nje—nje kakhulu, kakhulu...Futhi ngakho ngiza ngehla ukuzobakhulekela.

⁵ Futhi isizathu sokuthi bengithe ukuba manqikanqika, kakhulu, ukugcwaliswa kuqathake kwaphuma ezinyweni lami. Futhi ngizishayela ikhwela, kulokhu ukusa, ukunqamula leyondawo ezinyweni lami lapho, ngaphambili lapho. Futhi bayangitshela manje ukuthi ngizofanele ngiwakhiphe, bese ngiwagqokisa. Futhi ngakho-ke lokhu kuguga kuyanombela nje, yiyonanto kuphela engiyaziyo. Futhi ngaba nokugcwaliswa kulelo, futhi kuthi akube uhhafu nje walo, futhi lapho sengiqale ukukhuluma, ungakuzwa, umoya omkhulu uthi ukufuqa uphume, ni—niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini, ngaphandle ukunqamula izindebe zakho. Futhi kukwenza uthi ukufefeza, kanjalo.

⁶ Ngempela singabantu abanenhlanhla ukuba siphile kulokhukusa, nokwazi ukuza ebandleni. Futhi kulolusuku olandulela uKhisimuzi, belinde umkhosi abanawo,

okungukuthi, ngi—ngithemba ukuthi ngi...Kunezinganyana eziningi kakhulu lapha kulokhukusa, ngakho ngizolokhu ngizibambile nje. Niyabo? Futhi thina abadala, ngezinye izikhathi, sikhuluma izinto izinganyana ezingafanele ngisho zizizwe, niyazi.

⁷ Kodwa, ngicabanga ukuthi ibandla linesipho esincane lapha sezinganyana ezincane, emva kwesikhashana. Bengisibukisisa nje, emuva lapho. O, ufuna ukuhlala. Ngemuva kukaSonto sikole, bambelela nje, uyabo, ngoba ngi—ngicabanga ukuthi banezipho ezithize emuva lapho zabafo abancane, ukuzinikezela kulokhukusa. Futhi uma ngi...Nina bafo abancane, khumbulani, ngenkathi sisenza lokhu, ngifuna ukucacisa lokhu, akusiye uSanta Claus, ngoba leyo yindatshana ukuthi ngelinye ilanga uzofunda ukuthi akukho lutho kuyo. Kodwa ivela kuJesu Kristu, iQiniso lawo wonke amaqiniso, niyabo, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi sinipha lesi sipho esincane, kulokhukusa, ngoba sinazisa ukuthi ngesinye isikhathi uNkulunkulu wapha isipho esikhulu kunazo zonke esingake sinikwe isintu: iNdodana yaKhe. Futhi sinendlela empofu, sikuzwakalisa. Futhi akukho lutho esingalunikeza ukuluqhathanisa nalokho. Kodwa njengabafayo, omunye komunye, senza lokho.

⁸ Manje, bengizolinda kuze kube ngeSonto elizayo. Futhi mhlasimbe ngizokwenza, noma kanjano, phezu kokuthile ebengifuna ukukusho. Futhi okuthile kwa—kwaziswe thina, enhla ekhaya, ngombono, engimele ngikulandele. Futhi kuwuhlobo lwe...Kuwuhlobo lwe, kubonakala sengathi, kuyoba uhlobo lokumahhandlahhandla, kodwa asifuni neze ukucabanga ukuthi lokho uNkulunkulu akushoyo kumahhadlahhadla. Imithwalo yaKhe ilula.

⁹ Futhi kungukuthi ngeSonto elizayo, uNkulunkulu ethanda, sizoba ne—nenkonzo lapha eyandulela nje uSuku olwandulela uNyaka oMusha, uma iNkosi ithokoziswa yithi ukuba sibe nale nkonzo. Futhi sifuna ukuba nenkonzo yasekuseni, umkhuleko wabagulayo, futhi mhlasimbe inkonzo yombhaphathizo. Khona-ke ngacabanga, ngiyikhangise kubangane bethu, ukuthi bangangena. Khona-ke sizoba neSonto ekuseni neSonto ebusuku. Futhi-ke abantu bafuna ukuhlalala uNyaka oMusha, khona-ke sine...Zoba noMlindi, ngalesi sikhathi na? [UMfowethu Neville uthi, “Yebo.”—Umhl.]

¹⁰ Kuzoba nabefundisi abaningana lapha, bazokhuluma ebusukwini boNyaka oMusha, kuqhubeke kuthi ngqu kuze kube phakathi kwamabili. Futhi—futhi simema abefundisi abakanjalo ukuba beze futhi bakhulume. INkosi ithanda, ngifuna ukuba omunye wabo onokuthile ukuba akusho ngobusuku boNyaka oMusha.

¹¹ Bese kuthi-ke ngeSonto elizayo, ngicabange ukuthi ngizoveza uhlu lwezinto ezenziwe, okwenziwe, nginibonise

ukuthi uNkulunkulu usebenzana kanjani nabantu baKhe, futhi ngikuveze ngqo kungene ku—uvuthondaba lapha ebandleni.

¹² Futhi abaningi benu bayazibuza ngaloludaba lwentela engenayo ebesidlula kulo. Seluxazululiwe. Futhi ngakho-ke ngifuna ukunitshela ukuthi lokho kwenzeka kanjani, futhi. Futhi ngicabanga ukuthi, kuyoba, ukudingeka ngiphinde ngikuxoxe futhi, ngeSonto elizayo, ngakho ngizovele ngilinde nje kuze kube ngeSonto elizayo. Futhi ngizame ukukhuluma kini kancanyana, kulokhukusa, okuvela eZwini. Niyabo? Futhi ngeSonto elizayo, ngizo—ngizozama uku, uma uNkulunkulu ethanda, ukunitshela ukuthi konke kwenzeka kanjani, futhi nginilethe ngakunye kwezinto iNkosi ezishilo, futhi nikubukele kushaya khona ngqo nje endawaneni yakho, kubekwe khona ngqo endawaneni. Niyabo? Akasho lutho oluyiphutha.

¹³ Kodwa, manje, into eyodwa engifisa ukuyisho kulokhukusa, ukuthi mhlasimbe ngeke, ngeke ngeSonto elizayo, kuphathelene nokuthile okwenze izolo. Bengimadolonzima kancane lapho ekungeneni kulokhukusa, ngoba ngempela ngithe ukudabuka, ukuze ngi—ngingazizwa kangako njengakho. Kodwa kungukuthi ngilapha, awu, ngizozama okwedlula konke engingakwenza.

¹⁴ Ngobusuku bakuthangi, ngibe nengihambisana nabo, uMfowethu noDadewethu Sothmann, njengoba sazi lapha, omunye wabaphatheli bebandla, nomkakhe, beza ukuvakashela umkami nami. Futhi besikhuluma ngemihlangano ezayo ePhoenix namaphethelo, uma kuyintando yeNkosi. Futhi besingalele kwaze kwaba cishe ukugamanxa kweleshumi, ngiyacabanga, futhi ngiye embhedeni ndawondawo cishe ngeleshumi nanye.

¹⁵ Futhi esikhathini esithile ebusuku, ngaphupha iphupho. Futhi kuleliphupho ngibone umuntu othile obefanele ukuba ngubaba wami; enkulu, indoda enkulukazi, imele nje, ngakukhuluma ngokufanekisa, ubaba wami. Ngibone owesifazane, akabukekanga njengomama wami; kodwa, nokho, ebefanele ukuba ngumama wami. Futhi le ndoda (ebifanele ukuba njengobaba, umyeni walona wesifazane) imiphatha kabi ngonya, kangangokuthi ibinesinqamu sokhuni, futhi ibimphakamisa *kanje* futhi imshaye ngalesi sinqamu sokhuni, futhi ubewa futhi ehle. Futhi-ke—futhi-ke, emva kwesikhashana, ubevuka futhi. Futhi ibiyohambahamba, ithathe umcabango wokumshaya futhi, ibiphinde imshaye futhi. Futhi bengimi ngiqhelile ebangeni, ngikubukela.

¹⁶ Ekugcineni, ngadinwa nje yikho. Futhi bengimncane kakhulu kunalendoda, ebifanele ukuba njengobaba wami. Ngakho-ke ngenyukela kuyo futhi ngabeka umunwe wami ebusweni bayo. Ngathi, “Ungaphindi umshaye futhi.” Niyabo? Futhi lapho sengenzile, into ethile iqala ukwenzeka. Izingalo

zami ziqala ukushaya umthambo, futhi ngaba mkhulu, imisipha emikhulu eqhanse imithambo. Angikaze ngibone imisipha enjalo. Futhi ngavela ngathatha le ndoda ngesiphika, ngase ngithi, “Ungaphindi umshaye futhi. Uma umshaya, uzodingeka ubhekane nami uma uphinda umshaya futhi.” Futhi le ndoda yangesaba, yase imshiya phansi. Ngavuka.

¹⁷ Awu, ngicambalele lapho, ngomzuzwana nje, isizathu, incazelo yalokho iyafika. Lokho bekungukuthi, kusobala, owesifazane, ngokukhuluma ngokufanekisa, yiBandla, eliwuhlobo lukamama. Ubaba uyihlelo phezu kwakhe, elibusa phezu kweBandla, njengomyeni phezu kukankosikazi. Futhi yilamahlelo ashaya leloBandla, futhi awaLivumeli ngisho lime ngezinyawo zaLo. Nje, ngaso sonke isikhathi Lizama ukuvuka noma lenze okuthile, bona, abantu phakathi lapho, ihlelo liMshaya limlahle phansi. Futhi kusho nje ukubeka i—imisipha yokukholwa phandle lapha ukugcina nginamathelise umunwe wami laphaya, futhi ngithi, “Ubhekene nami. Uyabo?” Isizathu, kunabantu abathile phakathi lapho abangabakaNkulunkulu. Futhi lokho kwalunga. Cishe . . .

¹⁸ Besesivukile cishe amahora amabili, noma amathathu, ngiyacabanga. Futhi indodakazi yami, enye yawo, uRebekah, emuva lapho, usebenza eSibhedlela iMethodist eLouisville. Ngabe, o, lolohlobo lokuqeqeshwa komhlengikazi oseyimfunda makhwela. Nga “basizi bomhlengikazi abangakhokhelwa,” bababiza kanjalo, noma okuthile okunjalo. Futhi waye, yena . . . Bambiza ukuba afike ngalokho kusa, futhi yilokho okwangivusa. Futhi kwakuse-eli, futhi yena, nomunye asebenza naye esikolweni lapha, ba—basebenza lapho ndawonye, futhi ngangizobayisa ngale eLouisville. Babefanele babe lapho ngeleshumi nqo. Futhi unkosikazi wazibuza ukuthi ngani engangenanga ekamelweni lokulala. Ngalikhiya.

¹⁹ Manje, ngibe nezinto eziningi ezenzekayo empilweni yami, kodwa angikaze ngibe nanoma yini enjalo. Ngangena ekuqulakeni. Angiyazi incazo. Angikaze ngibe nanoma yini enjalo empilweni yami. Kodwa, ngaphambi kwami, kubonakala sengathi ngaqonda ukuthi kwakuwumbono, futhi ngangisembonweni. Kodwa ngangikhuluma nendodana yami, uJoseph. Okungukuthi, wayengekho ekamelweni ngaleso sikhathi. Kodwa ngandlela-thize, njengoba nje kwangishaya, ngangikade ngikhuluma noJoseph.

²⁰ Futhi nga—ngabheka phezulu. Futhi uhlobo olusekumeni kwesivivane, kumi phambi kwami, kwakungencane, izinyoni ezincane, into ethize enjengengxenye ye-intshi ubude. Futhi zazi, phezulu esicongweni, emagatsheni, kwakune . . . ngahle ngithi, ezithathu noma ezine. Khona-ke, elilandelayo, igatsha elilandelayo mhlawumbe elesishiyagalombili noma ishumi. Futhi phansi ngaphansi, kwakuneshumi nanhlanu noma amashumi amabili.

²¹ Futhi zazingaqhawe amancane, ngoba izimpaphe zazo zazishayiwe, futhi zibukeka sengathi zazizama ukukhuluma nami, zisho okuthile. Futhi ngangiseNtshonalanga, kubonakala sengathi kungaseTucson, e-Arizona. Futhi izinyoni zazibheke eMpumalanga. Futhi ngangilalelisisa. Zazizama ukuthi, kwakubonakala sengathi zazizama ukungitshela okuthile. Futhi zazinezimpaphe ezincane, zonke zazishayiwe, nezinto. Zazinezibazi zempi kakhulu impela. Khona-ke, khona manjalo, inyoni eyodwa iqala ukuthatha indawo yenye, igxuma *kanjalo*. Futhi zona, izinyoni ezincane zasuka ngelikhulu ijubane, zindizela ngasempumalanga.

²² Futhi lapho sezindizile, kulokho kwafika inyoni enkulu, enkulu njengamajuba, inamaphiko acijile. Futhi—futhi—futhi zangena ekubhuzeni, futhi ngelikhulu ijubane, ngejubane elikhulu kunalokho izinyoni ezincane bezinjalo, zandizela ngasempumalanga.

²³ Futhi mina namanje kowami...onembeza ababili ndawonye, ngazi ukuthi ngangimi lapha, futhi ngazi ukuthi ngangikwenye indawo ethize. Niyabo? Futhi ngacabanga, “Manje, lona umbono, futhi ngifanele ngifunde ukuthi lokhu kusho ukuthini.”

²⁴ Futhi kungphezu kweqembu lesibili lezinyoni liza, ngabheka eNtshonalanga. Futhi kwakubonakala sengathi isimo sesivivane, njengezimbili ohlangothi ngalunye, neyodwa esicongweni, kwafika ezinhlanu zeziNgelosi ezinamandla kunazo zonke engake ngazibona empilweni yami. Isivinini esesabekayo kanjalo, angikaze ngisibone. Amakhanda azo ebheke emuva, namaphiko azo acijile, entweza ngokushesha nje! Futhi amandla kaNkulunkulu uMnimandla onke angishaya, ngendlela yokuthi, aze Angiphakamisa ngayothi ngqu ngisuka phansi, yonke indlela ngisuka phansi, ngiya phezulu.

Ngangingamuzwa uJoseph esakhuluma.

²⁵ Futhi kuzwakala sengathi ukubhodloka komsindo ovimbezelayo, lokho—lokho kuduma okukhulu kwahamba, kude le ebangeni, kuya eNingizimu. Futhi lapho ngiphakanyiswa... Futhi kwakukhona isivinini esesabeka kakhulu seziNgelosi! Futhi ngi—ngingaZibona nje khona manje, niyabo, njengoba—njengoba Zaziza, kulokho kubumbeka *kanjalo*, zishanela ziza ngqo kimi.

²⁶ Manje, kungesikho ukuphupha, manje. Qhabo. Ngangilapho ngqo, ngiphapheme kakhulu nje njengoba nginjalo manje. Niyabo?

²⁷ Kodwa naKhu kuza. Futhi Zazinejubane elesabekayo, ngaze ngacabanga ukuthi, uma Kuphakamise...Ngezwa lokho kuqhuma, kufana, noma kufana nokuqhuma okwaqhumayo, njengesivimbo somsindo. Futhi lapho sekwenzile, ngacabanga, “Awu, lokhu kufanele kuchaze ukuthi ngilungela ukubulawa,

niyabo, ekuqhumeni kohlobo oluthile.” Futhi—futhi ngavele. . . Ngenkathi sengicabange ngalezozinto, ngacabanga, “Qhabo, ngeke kube yilokho. Ngoba, uma bekungukuqhuma, bekuyoba uJoseph, naye. Isizathu, nanguya, esakhuluma, ecabanga ukuthi ngilapho. Ngingamuzwa. Bekungesikho lokho.”

²⁸ Manje, lokhu konke kusesembonweni. Kwakungekho. . . Niyabo? Kwakusembonweni.

²⁹ Futhi-ke, khona manjalo, lapho sengiqondile ukuthi bengikade. . . Zazingizungezile. Ngangingakwazi ukuZibona, kodwa ngangilethwe kulesi sixuku sesivivane saZo, ngaphakathi kwalesi sixuku se—seziNgelosi, ezinhlanu. Futhi ngacabanga, “Manje, iNgelosi yokufa ibiyoba izoba ngeyodwa. Ezinhlanu kuyoba umusa.” Ngangicabanga lokho. Ngacabanga, “O! Ku—Kufika noMlayezo wami. Lolo uvuthondaba lwami lwesibili. Zize ukungilethela uMlayezo ovela eNkosini.” Futhi ngakhala kakhulu ngawo wonke amandla ami, kakhulu ngangengingakwenza, “O Jesu, ngabe yini Ofuna ngiyenze na?” Futhi lapho sengenzile, Kwavele—vele kwasuka kimi.

³⁰ A—a—angizizwanga ngikahle nje, kusukela ngaleso sikhathi. Niyabo? Benginjalo, usuku lonke izolo, ngidingeke ngihlale endlini, cishe impela ngizizwa ngingesimi. Angikwazi ukwenza ingqondo yami ihlungeke. Futhi inkazimulo namandla eNkosi! Bengindikindiki yonke indawo, lapho seKungishiyile. Bengizama ukuhlikihla izandla zami. Futhi ngacabanga, “Angikwazi ukubamba ukuphefumula kwami.” Futhi ngahambahamba, futhi kwiphansi lendlu, futhi emuva naphambili. Ngacabanga, “Kusho ukuthini, Nkosi na? Kusho ukuthini na?” Khona-ke, ngama. Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, inceku yaKho i. . . A—angikwazi ukuqonda nje. Kungani na? Bekuyini leyo na? Kwazise, Nkosi.” Awu, lapho i. . .

³¹ Angikwazi ukunitshela ngakho, lapho ngithi, “aMandla eNkosi.” Ayikho indlela yokuchaza lokho. Akusikho lokho ozizwela khona lapha, ezibusisweni. Lokho izibusiso zeNkosi. Lokhu ngokungcwele! O, he! Ku—kungaphezu kwanoma yini umuntu ofayo angakucabanga ngisho. Niyabo? Futhi be—futhi bekungikhathaza, kabi impela. Aku. . . Akusiso isibusiso. Kuyisikhathazi. Uyakhathazwa. Niyabo? Yilokho-ke. Uma kuphela beninga. . .

³² Uma bengingathola kuphela indlela ethize engingatshela abantu ukuthi lokho bekuyini, noma yini e. . . umuzwa wakho ubuyini! Khona, akufani nje nokuhlala lapha, ufuna ukujabula. Ku—kuyinto ethile ukuthi wonke umthambo ngaphakathi kuwe nje zi. . . Kungaphezu kokwesaba. Kungaphezu kokwethuka. Yinhlonipho yokuzithoba engcwele. Ye. . . Ngi. . . Ayikho indlela yokukuchaza. Ngisho, kuze kube, umhlane wami wonke, phansi naphazulu emgogodleni wami, ngeminwe yami, phansi naphazulu ezinyaweni nasezinzwaneni zami, isiqu sonke

besindikindiki nje, niyabo, njengoba nje uye—uye wahamba emhlabeni, ndawondawo. Futhi—futhi bekungishiya, kancane kancane, futhi ngathi e—eNkosini, “Ungangazisa nje, O Nkulunkulu?”

³³ Ngiyacabanga, ukuthi, okusondele kunakho konke okwake kwafika kokuba namandla angako futhi, kwakulapho ngiseZurich, eSwitzerland, ngaleso sikhathi lapho Engibonisa khona loloKhozi lwaseJalimane libhekisisa lowo mgibeli wehhashi oyiNgisi ehla enqamula e-Afrika. Futhi Wathi, “Bonke bonile futhi basilelwe inkazimulo.”

³⁴ Futhi ngangikhala eNkosini, ukuba ingisize. Futhi ngi—ngifuna Yona ukuba inginike incazo, ngoba ngizibuzile uma bekusho—uma bekusho ukuthi bengizomuka, bengizobulawa. Futhi uma bekunjalo, bengingeke ngisho lutho emndenini ngakho. Sekuyisikhathi sami sokuya eKhaya, ngani, ngizohamba nje ngiye eKhaya, yilokho konke kwakho. Kodwa uma—uma kungesikho lokho ebelikusho, bengingafuni ukutshela umndeni, bengingafuni ukuba bazi lutho ngakho. Ngikuyekele nje kwenziwe, futhi lokho—lokho bekuyoba yikho konke kwakho.

³⁵ Ngathi, “Nkosi, ngisize. Angifuni ukutshela umndeni, uma—uma Wena u...Lokhu, ukubizwa kwami ngiye eKhaya, awu, ngizo—ngizohamba.” Niyabo. Ngathi...Futhi, niyazi, ni...

³⁶ Wena uthi, “Awu, kungani ungacabanganga ngalokho okushilo embonweni, lokho umbono okushilo?”

³⁷ Kodwa awukwazi ukucabanga ngezinto ezinjalo ngaleso sikhathi. Wena...Angikwazi, noma kanjani. Futhi ngacabanga...Ngangikhathazekile nje, ngidiniwe. Awazi ukuthi ucabange kanjani. Awukwazi ukucabanga.

³⁸ Futhi ngathi, “Baba waseZulwini, uma lokho bekusho ukuthi—ukuthi ukuqhuma bekuzongithatha, awu, ngazise manje, ngakho angizukusho lutho ngakho. Inkazimulo namandla aKho akwehlele phezu kwami futhi, bese ungiyiphakamisa futhi. Noma, inkazimulo yaKho mayehlele phezu kwami, futhi-ke ngizo—ngizokwazi-ke ukuthi bekusho—bekusho lokho, futhi ukuze ngikwazi ukukugcina kimi.” Futhi akwenzakalanga lutho.

³⁹ Ngakho-ke ngathi, “Khona-ke, Nkosi, uma bekusho ukuthi Uzothumela iZithunywa zaKho ngokuyalwa kwami, khona-ke vumela amandla aKho abuye futhi.” Kwathi ukungikhipha ekamelweni!

⁴⁰ Nakuba, sengi—ngiswangulukile, neBhayibheli lami esandleni sami, khona-ke, niyabo, futhi ngicela uNkulunkulu angisize. Futhi ngenkathi sengenzile, Wa—Wangibonisa okuthile emBhalweni, kumayelana nakho ngqo, khona lapho. Futhi ngacabanga, “Ngabe lokho kungaba yilokho ngempela na? Ngikwenze kanjani lokho na?” Futhi, o, a—angikwazi ukuchaza

lezizinto, bafo. Kungaphezu kwanoma yini engaziyo ngayo. Niyabo?

⁴¹ Umkami ungowesifazane oyingaba kakhulu; omunye waba dlula bonke emhlabeni. Kodwa, isikhashanyana, angishongo lutho ngakho. Ngaqhubeka. Wazi ukuthi kwakukhona okwenzekile. Ngakho lapho ngimtshela, wathi, “Uyazi, Bill, ngiyakubona futhi ngiyakuzwa, kweziningi zalezozinto.” Wathi, “Uyazi ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke,” washo. Wathi, “Kodwa lokho kwakunento ethile.”

⁴² Kubonakala sengathi nje, kuyanginyakazisa nje, lokho kuqhuma nalokho kuza ngejubane elukhulu kwalezo ziNgelosi kanjalo, ezinhlanu zazo ndawonye, e—esixukwini saZo. Njengokuthi, kuthi akufane—fane nokuthi ngaba naleso sivivane sidwetshwe lapha, niyabo. Zazibukeka kanjalo, ekuqaleni, Zazibukeka zinjenge, uhlobo lwe. . . ebangeni, Zazibukeka zithi azifane nalowo mbala wamajuba. Futhi zazise—ekuzeni zisuka ngalendlela. Futhi zazi, zibukeka njenge, eyodwa, eyesibili; eyesithathu, eyesine; bese kuthi—ke eyodwa esicongweni, niyabo, zenza ezinhlanu. Futhi ziza ngesivinini esinjalo! Akukho lutho, akukho majethi, akukho lutho olunye olungaqhathaniswa *nalokho*.

⁴³ Futhi ngingaZibona nje, futhi amakhanda aZo athi ukuphendukela emaceleni. Lawo maphiko etshekele ngasemuva, ehlome ngokuphelele, futhi nazi Ziza, ngakho “Whewu!” *Kanjalo*. Zehla nje ngqo, futhi nje zangingenisa kulesi sivivane sesixuku saZo. Ngibonile ukuthi bengisukile, ngisukile enhlabathini. Ngacabanga ukuthi mhlawumbe. . . Ngezwa, le ebangeni, lokho kuduma, “Whumu!” Njenge—i—ibhanoyi lapho lidlula isivimbo somsindo, nike nakuzwa kwenzeka kanjalo, njengokuduma okusebangeni.

⁴⁴ Ngacabanga, “Lokhu kungahle kusho manje, lapho manje lo mbono ungishiya, ukuthi ngizobulawa ngukuqhuma noma into ethize.” Ngacabanga, “Ngilapha. Ngiphakanyisiwe. Ngi. . . Zona, Bezilapha ndawondawo. Ngi—ngiphakathi kulesi, lesi sivivane seziNgelosi lapha. Kodwa, a—angazi. Mhlawumbe iNkosi iza ukuzongithatha ingiyise eKhaya.”

Ngabe sengizwa uJoseph ezansi lapho, ethi, “Babayi?”

Ngacabanga, “Qhabo, uma lokho kuyilokho, ngabe kumthathile, naye.”

⁴⁵ Khona—ke Okuthile kwathi, “Wena. . .” Khumbulani, ngilindile, ngibheke uMlayezo ebengihlala ngiwulindele, okuthile.

⁴⁶ Futhi umbono, ngolunye usuku, niyazi, njengoba bengilapha kungekudala, kungitshela ngalokho okwakuzokwenzeka; ukuthi ngangishumayela kanjani phakathi, kusukela elangeni, kungene kulendawo. Futhi—futhi—ke Wathi, “Manje khumbula, uvuthondaba lwesibili lusazofika.”

Ngacabanga, “Kuzoba khona uMlayezo.”

⁴⁷ Niyawukhumbula uMlayezo wami lapha na? Ukuvulwa kwalelotshe lokuvala phezulu, lapho, lawo maphimbo ayisikhombisa nezimpawu okungalotshiwe ngisho naseZwini likaNkulunkulu. Niyakhumbula na? Futhi kwangithatha kwangingenisa kuleso sivivane.

⁴⁸ Futhi Junie Jackson, uma ulapha, lelophupho onginika lona kungekudala. Ngeke ngilisho kulokhukusa. Wena wawukakhulu. . . UNkulunkulu wayephelele kakhulu. Futhi ngithethelele ngokungakuniki incazo; ngoba, ngibone okuthile kuhamba.

J. T., into efanayo, uyabo. Futhi ngi—ngi—bengikwazi lokho.

NoDadewethu Collins, okufanayo ncamashi. Niyabo?

Futhi eziyisithupha zalezo, ziholela ngqo ngokuqondile entweni efanayo.

⁴⁹ Futhi-ke umbono enginitshele wona nonke, eminyakeni edlule, wenzekile nje ngolunye usuku. Niyabo? Lokho kuyokwenzeka.

⁵⁰ Futhi nakho, kulele ngqo, konke kulele ngqo laphaya. Yinto ethize nje ehambayo. Angazi ukuthi kuyini. Nkulunkulu ngisize; umkhuleko wami.

Asikhuleke.

⁵¹ Baba waseZulwini, si—singabafayo nje, futhi simi lapha kulokhukusa. Futhi, Nkosi, ngi. . . Wangithumela ukuhola lomhlambi omncane nalelibadla. Futhi ngisekupheleni kwami. Angazi ukuthi iyiphi indlela, ini, kuphi, ezayo. Kodwa ngazi lento eyodwa, ukuthi, Wena wathi Uyokwenza “konke kusebenzelane kube ngokuhle kulabo aba” kuKuthandayo futhi babizwa ngokwenhloso yaKho. Ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu, ukuthi isandla saKho esikhulu somusa sizoba phezu kwethu.

⁵² Siyazi ngokweqiniso ukuthi Wena unguNkulunkulu. Futhi siyazi ukuthi Wena awusiye owaphila ezinsukwini esezadlula, kodwa Wena usaphila nanamuhla. Wawuhlale unguNkulunkulu. Uyohlala unguNkulunkulu. WawunguNkulunkulu ngaphambi kwesikhathi, futhi Uyoba nguNkulunkulu lapho isikhathi sesingasekho. Uyohlala unguNkulunkulu.

⁵³ Futhi sisezandleni zaKho, Nkosi. Silubumba nje, futhi Wena unguMbumbi, uMbumbi. Lolonga izimpilo zethu, Nkosi, ngendlela eyothola inkonzo engcono kunazo zonke ukuhlonipha Wena. Siphe khona, Baba. Sisezandleni zaKho nje.

⁵⁴ Sasingenandlela yokuziletha lapha, noma asazi ukuthi siyakuphuma kanjani. INkosi, Usinika ukuphila, futhi Une. . . Sinikeza izimpilo zethu kuWe, futhi, kanjalo, Usinikile, ngokushintshanisana, ukuPhila okuPhakade. Ukukholwa kwethu kuphefumula kungenise lokho oqobweni lwethu

impela. Futhi sithanda Wena ngalokhu, ngoba siyazi ukuthi ngolunye usuku siZokubona, futhi Uzoba senkazimulweni yaKho. Futhi sizobukela kuYe. Futhi silangazelela ukuzwa lawo mazwi, “Wenze kahle, nceku yami enhle nethembekile. Ngena ezinjabulweni zeNkosi, elungiselelwe wena kusukela ekusekelweni kwezwe.” Kuze kube yilesa sikhathi, O Nkulunkulu, lapho siyohlangana khona, sihole.

Siyizinceku zaKho, futhi sicela ukuthethelelwa kwezono zethu.

⁵⁵ Lemibono enamandla, Nkosi, inkulu kakhulu encekwini yaKho. Angazi ukuthi ngenzeni. Ngi—ngiyazi nje ukuthi iyeza. Futhi ngingasho kuphela lokho engikubonile, nalokho okwashiwo. Futhi ngezinye izikhathi kuyangethusa, Nkosi. Futhi ngi—ngiyazibuza ukuthi ngenzeni.

⁵⁶ Khona-ke ngithatha iBhayibheli futhi ngifunda phakathi lapho ukuthi u-Isaya kumelwe ukuthi wazizwa kanjani ngalolosuku ethempelini, ngenkathi ebone lezo ziNgelosi, amaphiko emboze izinyawo zaZo. Akumangalisi amemeza wathi, “Maye kimi! ngokuba amehlo ami abonile inkazimulo yeNkosi.”

⁵⁷ Futhi kwakungaleso sikhathi umprofethi amemeza khona: emva kokuba esehlaniwe ethempelini, ngenkathi iNgelosi yathatha izindlawu futhi yathola ilahle loMlilo yase ilibeka ezindebeni zakhe; emva kokuba esevumile ukuthi wayengumuntu ozindebe zingcolile, futhi ehlala na, phakathi kwabantu abangcolile. Nokho, wayengumprofethi. INgelosi yathatha izindlawu yase ibeka ilahle loMlilo ezindebeni zakhe futhi yamhlanza, yase ithi, “Manje hamba, uprofethe.”

Nkosi Nkulunkulu, U-Isaya wamemeza, “Ngilapha, Nkosi. Thuma mina.”

⁵⁸ Ngenkathi, Ethe, “Ngubani ozosihambela na?” Ngaleso sizukulwane esibi nesiphingayo!

⁵⁹ O Nkulunkulu, makuphinde futhi. Makubuye futhi, O Nkosi. Thumela uMoya oNgcwele noMlilo ohlanzayo. Ngokuba, ngiyavuma, ngiyizindebe ezingcolile, futhi ngihlala kulomhlaba lapha nabantu abangcolile. Futhi singcolile emehlweni aKho, Nkosi. Kodwa, o, thumela amandla okuhlanza, uMoya oNgcwele! Sihlanze, O Nkosi. Hlanza inceku yaKho, Nkosi.

⁶⁰ Futhi-ke khuluma, Nkosi. Inceku yakho ilalele. Ngilangazelela ukuzwa leloPhimbo. NgingowaKho. Ngisebenzise, Nkosi, njengoba Ubona kufanelekile, ngenkathi ngisazibeka mina uqobo phezu kwe-altare laKho. UMoya oNgcwele mawungihlanze, Nkosi; futhi ugcobe futhi uthumele, Nkosi, uma Ufuna ukuba othile ahambe, uma leli kuyihora lesi yisikhathi.

61 A—angazi, Nkosi. Ngi—ngiyazi nje ukuthi ngibone lezo zingelosi. Futhi Wena uyazazi lezo zinto ukuthi ziyiQiniso impela. Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, “Maye kimi,” ngakho ngisize.

62 Futhi manje busisa laba bantu. Futhi silapha namhlanje, ngaphambi nje kosuku olwandulela lesi sikhathi somgubho sokuzalwa kweNkosi yethu. Sikhulekela ukuthi Uzosisiza.

63 Futhi kulokhukusa, inceku Yakho, uMfowethu Neville, iye yazizwelwa ukuthi mhlawumbe kuyoba isikhathi ukuthi ifanele nje iphumule imizuzwana embalwa, futhi mhlawumbe ngifanele ngikhulume. Futhi ngi—ngikhulekela ukuthi Uzongisiza manje.

64 Kukhona labo lapha, Nkosi, nathi sonke, abanesidingo saKho. Ngakho siyakhuleka manje ukuthi Uzosisibusisa njengoba sifunda iZwi laKho futhi sizindla okwesikhashanyana. Makuthi uMoya waKho ufike phezu kwethu, Nkosi. Futhi sihlanze futhi usokhele ngoMlilo, ngoMoya oNgcwele, ngoMlayezo kaNkulunkulu, ofreshi ovela e-altare, ukuzamazamisa izwe elifayo, ngaphambi kokusondela kukaNkulunkulu omkhulu oPhakade. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKhe ethandekayo, noMsindisi wethu. Amen.

65 Manje ngifisa ukuninakisa omunye umBhalo lapha, kanye namanothi embalwa, engiwabhalabhale phansi.

66 Futhi ngiyakholwa, uDoc, noma uBilly, noma omunye wabo ungitshelile, ukuthi ufuna ukuphuma kuse-eli kancanyana, ngenxa yezinganyana. Banezipho ezithize zakho.

67 Nina bafo abancane abasanda kuphuma kuSonto sikole wenu, nina—nina namathelani ngapha, isikhashanyana nje. Lokho esikushoyo lapha kungahle kube okujulile kini, kodwa nina—nina hlalani nje ninganyakazi nomama nobaba, okwemizuzu embalwa. Ngifuna ukukhuluma nabo.

68 Manje, ngaleya emaHubweni, iHubo 89, ngifuna ukufunda ivesi noma amabili, leHubo 89. Ngizozama ukufunda amavesi ele 50, 51, nele 52 lamaHubo 89.

69 Manje, niyezwa nonke emuva le ngemuva, kulungile na? Uma nizwa, phakamisani izandla zenu. Ngakho ngi... Okuyi... Ngabe yonke lemibhobho iyakhala na? [Omunye uthi, “Angazi.”—Umhl.] Ngabe *lona* ungcono, noma *lona* na? *Lona* na? *Lona* na? [“Lena yomibili ohlangothini iyakhala.”] Khona lapha, *lena* yomibili ohlangothini na? [“*Lona, lona, nalona.*”] Kulungile.

70 Angazi noma ngabe bazoyiteyipa lena noma qhabo. Kuwuhlobo lomcimbi ongalindelekile kulokhu ukusa.

71 Kodwa ningakhohlwa manje, yiba nabo bonke abangani bakho. Futhi ngi—ngifuna uqiniseke, cishe impela, ukuzama ukuthamela umhlangano weSonto elizayo.

⁷² Bazoba nesonto seliqediwe ngokushesha lapha, ngiyacabangela. Futhi ngizo—ngizobuya khona-ke ngalokhu, ngishumaye lezoMpawu eziyisiKhombisa, uma kuba yintando kaNkulunkulu, okuvela emBhalweni lapha.

⁷³ ENcwadini yamaHubo, isahluko 89, ngiqale ngevesi 50. Lalelisani ekufundweni kweZwi manje.

Khumbula, Nkosi, ihlazo lezinceku zakho; nokuthi ngithwele esifubeni sami ihlazo lwezizwe eziningi kakhulu;

Ezisola ngazo izitha zakho, O NKOSI; ezisola ngalo ukuhamba kogcotshweyo wakho.

Mayibongwe iNkosi kuze kube phakade. Amen, Amen.

⁷⁴ Ngingathanda ukukhuluma kini okwemizuzwana embalwa ngokuthi. . . Ngifuna nina ukuba nimake lokho, kuqala, futhi nifunde niphindaphinde lokho, kahle ngempela. Mhlawumbe lifanelwe ukufundwa futhi khona manje. Lalelisani manje. Niyabo?

Khumbula, Nkosi, ihlazo lezinceku zakho; nokuthi ngithwele esifubeni sami ihlazo lwezizwe eziningi kakhulu;

Ezisola ngazo izitha zakho, O NKOSI; ezisola ngalo ukuhamba kogcotshweyo wakho.

Mayibongwe iNkosi kuze kube phakade. Amen, Amen.

⁷⁵ Litadishisiseni, njengoba uDavide akhuluma ngakho. Ngifuna ukusebenzisa okwendikimba. . . Kuxakile kakhulu, uma indikimba kaKhisimusi futhi; kodwa njengoba ngishumayelile ngeSonto eledlule ngendikimba exakile. Ngiyakhohlwa ukuthi bekuyini manje. Kwakuyi. . . [Umfowethu uthi, “*IZwe LiHlakazeka.*”—Umhl.] Uxolo? [*“IZwe LiHlakazeka.”*] Ukuwa: *IZwe LiHlakazeka.*

⁷⁶ Manje ngifuna ukuyisebenzisa okwendikimba, kuleliSonto: *UkuThukwa Ngenxa YeZwi.* Manje ake ngikuphinde futhi, kahle impela. U. . . *UkuThukwa Ngenxa YeZwi.*

⁷⁷ UNkulunkulu unesikhathi, nesizathu saleso sikhathi, ukugcwalisa onke amaZwi aKhe. UNkulunkulu wazi kahle ukuthi Uzokwenzani. Asazi. Sifanele nje sikwemukele njengoba Esinikeza khona. Kodwa, Uyazi, futhi akukho lutho oluzohamba kabi ngalokho A—Ahlele ukukwenza. Konke kufanele kufike. Kufanele kube khona, ngezinye izikhathi, izinto ezimahhadlahhadla nezinzima, ukuveza kuphela into yangempela, imvelo yeqiniso yento.

⁷⁸ Niyazi, imvula izalelwa kwezimahlimbihlimbi, ezimahlakahlaka, umbani osakazekile, izibhakabhaka ezinomdumo. Futhi ukuba besingenayo imvula, besingeke siphile. Kodwa niyabona ukuthi kuthathani ukuletha imvula

na? Umdumo, umbani, ukubanika, intukuthelo. Futhi lapho kufika imvula.

⁷⁹ Imbewu imele ife, ibole, yonakale, inuke, futhi iphindele othulini lomhlaba, ukuze iveze impilo entsha.

⁸⁰ Kuthatha ukugqulwa kwegolide, liphenduphendulwa, emuva naphambili, futhi ligqulwe kuze kuba wonke amanyela asekhishiwe kulo. Hhayi ngoba liyabenezela, ngoba umtapo wensimbi okhipha insimbi, owaziwa njengegolide leziwula, ubenezela njengegolide langempela. Kodwa, ubeka kokubili ndawonye. Waqhelelanise, awukwazi impela ukuwahlukanisa. Kodwa abeke ndawonye, ungakusho. Futhi umshayi njalo ufanele ashaye aze a—abone isithombe sakhe uqobo sibonakaliswa egolideni.

⁸¹ Futhi uNkulunkulu ubeka isikhathi futhi unenhloso kukho konke Akwenzayo. Akukho lutho olwenzeka ngenxaphephe nje kulabo abathanda iNkosi futhi babizwa ngokubiza kwaKhe. Niyabo? Simiselwe ngaphambili. Futhi konke kusebenza kahle nje, kulowo, ngoba Akawaqambi amanga. Futhi Wathi lokho kwakunjalo, ukuthi konke kunesikhathi sakho, inkathi yakho, futhi kunendlela yakho. Futhi uNkulunkulu usemva kwawo wonke umnyakazo. Futhi ngezinye izikhathi ucabanga ukuthi konke kuhamba kabi. Kukithi. Lezo zinto zibekwa phezu kwethu, izivivinyo nokumangala. Kunguhlolwa, ukubona ukuthi sizophendula kanjani esenzweni.

⁸² Esikhathini esithile esidlule phakathi, enhla eVermont, uMfowethu Fred nami sawelela ohlangothini lwaseNew York, ngaphesheya kweChweba iChamplain, futhi sase siwelile ohlangothini lwaseNew York. Futhi ngenyukela entabeni lapho lokho, phezulu kwiNtaba iHurricane, lapho ngangivame ukuzingela khona. Futhi lapho ngiyakhumbula ngenkathi ngilahlekile, nokuthi uNkulunkulu wangiholela kanjani emuva, ngoMoya oNgcwele nje kuphela, esiphephweni. Ukuthi, ngabe ngafa, ngabhubha, futhi kanjalo nomkami noBilly, ezansi ekamu elincane amamayela ukuqhela. Futhi ngajikiswa.

⁸³ Futhi kwakukhona nje iqhwa elincane esadlula kulo, ukungena ekamu, ekuqaleni kwentwasahlobo. Futhi ngangimi lapho ngikhuluma noMfowethu Fred, futhi uMoya oNgcwele wathi, “Phuma ube wedwa.” Futhi ngaphumela ehlathini isikhashanyana, indawo. Wangitshela, “Kukhona unoxhaka obekelwe wena. Qaphela manje.” Kodwa Akazange angitshela ukuthi kanjani, ini. Ngiyabuya futhi ngatshela uMfowethu Fred.

⁸⁴ Ngaya esontweni ngalobobusuku ehholo elikhulu, ngakumemezela kubantu. Futhi ubusuku obulandelayo kwenzeka. Kwase kuthi-ke kumi lapho ngenkathi Engitshela, kulabo bahleki abahleka usulu, Wathi, “Kusezandleni zakho. Yenza kubo. Noma yini oyishoyo, kuzokwenzeka khona manje.”

⁸⁵ Nakho lapho okhona. Lapho, umuntu othize ongahloniphekile, ongamesabi uNkulunkulu, futhi babehlekisa futhi behleka usulu emhlanganweni, insizwa nentombi. Futhi wayezama ukwenza ucansi okuhlambalazayo naye esakhiweni; nokunaka kwawo wonke umuntu, ngenkathi ngangisazama ukushumayela. Futhi wamqethukisa ikhanda wayesenombela ethangeni lakhe owesifazane, owesifazane wase eqethula ikhanda lakhe futhi ezama ukwanga owesifazane, futhi eqhubeka kanjalo emhlanganweni, ezidonsela ukunakwa.

⁸⁶ Futhi uMoya oNgcwele wathi, “Manje u... Basezandleni zakho. Uzokwenzani ngabo na?”

⁸⁷ Kwaba nokuvunguza okungcwele. Wonke umuntu ehleli ethule sengathi ufile. Futhi ngacabanga, “O Nkulunkulu, yini okumele ngiyenze na?”

⁸⁸ Khona-ke ngiyakhumbula, uma kwakungesikho ukuxwayisa kukaMoya oNgcwele, izinsuku ezimbili ngaphambili. Ngathi, “Ngizonithethelela.” Manje, yilokho Ayefuna ngikusho. Niyabo?

⁸⁹ Ngoba, emva kwakho konke, ngi—ngibe necala, mhlawumbe hhayi elalokho, kodwa nginecala. “Futhi icala lokuncane lingelokukhulu.”

⁹⁰ Ngakho ngathi, “Ngiyanithethelela.” Futhi kukhona ofakazi abahlezi lapha manje, babelapho ngaleyonkathi. Khona-ke uMoya oNgcwele wehla.

⁹¹ Manje, niyabo, ngikholwa ukuthi zonke lezizinto zinencazelo. Ubuyokwenzani ngamandla na? Ubungakwenza kanjani, ubone, umphumela wesenzo na? Okuthile okuza njengesenzo, khona-ke ubhekana kanjani naleso senzo na? Niyakuqonda engikushoyo na? Ubungenzani na? Futhi mhlawumbe konke lokhu sekukhule kwafika lapho sikhona manje. Angazi. A—angikwazi nje ukusho. Kodwa bekuhlala njalo kukhona indlela ethile. . .

⁹² Futhi khumbulani lokho, ukuthukwa kwe—kweZwi ku...IZwi belihlala njalo libhekene nokuthukwa. Kuyo yonke iminyaka, iZwi likaNkulunkulu eligcotshiwe belihlala njalo lithukwa. Futhi yingakho kunzima kakhulu kubantu abangaqondi, bangakwazi ukuthi bakwamukele kanjani lokho kuthukwa.

⁹³ Ningabakhumbula abafundi bebuyela emuva futhi bethokoza ngoba babethole ukuthi babebalwe njengafanelekile ukumela ukuthukwa kweGama laKhe na? Wathi, “Bonke abaphila ngokwesaba uNkulunkulu kuKristu bayohlushwa,” ukuthukwa kweZwi.

⁹⁴ Ufanele njalo umele lokhu kuthukwa ukuze unike ukuvivinywa kwakho, ukubona. Wonke umuntu oza kuKristu ufanele kuqala aqeqeshiswe okomntwana, ukwenzela i—

ukwenzela inhloso uNkulunkulu akugcobebe yona. Futhi khumbula, uma ungakwazi nje ukuthula! Khumbula, uma Ekubizele lokhu, akukho lutho olungakuvimba kungenzeki. Abekho odeveli abanele ekuhlushweni, kodwa lokho iZwi likaNkulunkulu elizobonakaliswa. Uzalelwe inhloso, futhi akekho ongathatha indawo yakho. Ungahle ube nabalingisi nakho konke okunye, kepha abasoze bathathe indawo yakho. Kunjalo. IZwi likaNkulunkulu lizonqoba. Ngeke lihluleke. Yilapho wonke umKristu abefanele ame khona, azi lokho—lokho. Futhi izilingo zizovela, futhi zibonakala zonke izindlela, kuwe. Kodwa khumbula, uNkulunkulu unenhloso, futhi konke kuzosebenza kahle.

⁹⁵ Manje ake sibuyele emuva nje e—ezimbalwa zezehlakalo zeZwi likaNkulunkulu ligcwaliseka, nalabo ababephethe iZwi onyakeni wabo.

⁹⁶ Ngi—ngizizwele ngiseMoyeni, esikhathini esingeside esedule, ngokuthi othile ubengigxeka. Kungenzeka ukuthi kusezweni leteyipu. Ngokuhlala ngibhekisela okuningi kakhulu, ngibuyele emuva futhi ngicoshe abalingiswa beBhayibheli kulokho engikushoyo. Awu, ngenza lokho ngenhloso. IBhayibheli lathi lezi zinto zilotshiwe ukuthi singahle sibheke kuzo. Futhi yileyo ndlela kuphela, ngaphandle kwemfundo, indlela kuphela engingayenza, ngukubhekisela emuva bese ngithi, “Niyabona ukuthi lokhu *kumi* kuphi, kwenzekani ngakho, *lokhu* kwenzeke kuphi.” Niyabo? Bese kuthi—ke uzibeka nje phakathi lapho.

⁹⁷ Njengoba ngangishumayela, kungekudala, ngomfana omncane phandle emkhunjini, niyazi, futhi—futhi ukapteni omdala wayefa. Wayegula. Futhi wabuza ukuthi kwakungekho Bhayibheli emkhunjini. Futhi babamba umfanyana owayeneBhayibheli, futhi uyeza futhi wafunda u-Isaya 53:5. “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yashaywa ngenxa yobubi bethu.” Futhi wathi, “Ake i . . . Ake ngikutshela, kapteni, ukuthi umama wayevamise ukulifunda kanjani.” Wathi, “Nansi indlela alibhala ngayo. ‘Yalinyazwa ngenxa yobubi bukaWilly Pruiitt. Futhi yajeziswa ngenxa kaWilly Pruiitt. Futhi zonke lezi zinto Enziwa zona, kwakungenxa kaWilly Pruiitt.’” Lelo kwakuyigama lakhe.

Ukaputeni omdala wathi, “Ngiyakuthanda lokho. Ungafunda igama lami kulo na?”

⁹⁸ Wathi, “Ngizozama.” Wayesethi, “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zikaJohn Quartz. Yashaywa ngenxa yobubi bukaJohn Quartz. Futhi ngemivimbo Yayo uJohn Quartz waphulukiswa.”

Wathi, “Ngiyakubona.” Futhi iNkosi yamphulukisa. Niyabo?

⁹⁹ Funda igama lakho kulo. Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zikaWilliam Branham. Yashaywa ngenxa yobubi bukaWilliam Branham. Yangenzela lokho, futhi Yakwenzela lokho. Funda igama lakho kulo.

¹⁰⁰ Awu, yileyo ndlela engithanda ukuletha ngayo imiBhalo kubantu bakithi—bakithi, yilokho Akwenzela omunye umuntu owaMlalela. Lokho Akwenza komunye umuntu owayeneqiniso eMbangeleni, nalokho Akwenza komunye umuntu owayengathembekile eMbangeleni, khona-ke funda igama lakho kulo. Ukuba wawulapho, yikuphi ukuma ongabe wakuthatha na? Futhi khumbula, unenhlanhla, namuhla, ukuba uthathe uhlobo olufanayo lokuma.

¹⁰¹ Ngenkathi, uNowa, ekuthukweni kweZwi uNkulunkulu alikhuluma kuye. UNowa, kwaba nokuthukwa. UNowa wayephila onyakeni wesayense, lapho kwakukhona ukuzuza ngempumelelo kwesayense ukuthi babekwazi ukukwakha, ukuthi babengaphezu kwanoma yini esiyakhile namhlanje. Babekhaliphile, benobuhlakani kakhulu. Isayense yabo yayiqhubekele phambili kakhulu, kweyethu. Futhi khumbulani nje, wayedingeka amele ukuthukwa kweZwi alishumayelayo, iminyaka eyikhulu namashumi amabili, ebusweni babahleki abahleka usulu. Izindlela zabo ezinkulu zesayense zafakazela kubo ukuthi kwakungekho mvula ezibhakabhakeni. Kodwa, nokho, uNowa wayezwe iZwi leNkosi, futhi Laliphambene ekucabangeleni kwabo ngaLo. Ngakho, ngaphambi kokuba impilo yakhe ize isindiswe, umele ame ebusweni futhi athwale ukuthukwa laba abahleki abahleka usulu abamthuka ngakho.

¹⁰² O, akungabazeki, kufanele ukuthi bazizwela ukudabuka ngomshumayeli omdala ompofu. Abamxoshanga noma nanoma yini, ngoba mhlawumbe kwakungekho zindlu eziningi zalolo hlobo ngalolo suku. Wayengenabungozi. Wayengezukulimaza muntu, ngakho-ke bamyeka. “Qhubeka, uhlanya oludala phezulu lapho eceleni kwalelogquma, wakha umkhumbi ngaphandle le lapha lapho kungekho khona amanzi. O, awu, umfo omdala bandla! Kodwa,” futhi bethi, “uzowathola kuphi amanzi akho, ukuntantisa isikebhe sakho, Nowa na?”

“Iyehla ivela ezibhakabhakeni.”

¹⁰³ “Umbhedo. Singadubula inyanga nezinkanyezi, ngerada umshini wokupopola kude,” noma ngabe yini ababenayo. “Akukho mvula phezulu lapho.”

Kodwa wathi, “UNkulunkulu uthe Wayezoyibeka phezulu lapho.”

“Uzokwenza kanjani na?”

¹⁰⁴ “Leyo indaba yaKhe. Into kuphela engifanele ngiyenze ngukunxwayisa ukuba niphume lapha.”

¹⁰⁵ Sekuthi akufane manje. “Uvelaphi umlilo na?” Mfowethu, kuthe ukucaca kakhudlwana namhlanje kunokuba kwakunjalo esikhathini sikaNowa. Sesivele siyabona ukuthi ikuphi. Kulungele ukugadla nje, yilokho kuphela. Isayense isivele. . . Akukho zaba ngalesi sikhathi, nhlobo, ngoba isayense kakade isikutholile. Yebo, mnumzane.

¹⁰⁶ Ngakho manje sithola ukuthi kwakuyinto ngempela. Ngakho bamdabukela umshumayeli omdala ompofu, futhi bamdedela ahambe. Kwakuyinto engavamile, mhlawumbe, kulabo bantu, ukucabanga ukuthi indoda eyayifanele ukuba onobuhlakani, futhi ingakholwa ukuthi uNkulunkulu, uMdali wamazulu nomhlaba, ubengenza into ethize, noma asho into ethize Ayezoyenza, okwakuphambene nendlela yabo yokucabanga, ababenayo. Mhlawumbe anikutholanga. Bukani. Kwaku. . . Babecabanga ukuthi bangafakazisa yonke into yemvelo ngesayense yabo. Uma lokho kungelona uhlobo lwezwe esiphila kulo namuhla, elinobuhlakani, izwe lezefundo eligcwele isayense! Futhi noma yini ababengayifakazisa, lokho kwakungalungile, okukaNkulunkulu. . . “Akukho Nkulunkulu owayengake akhulume noma e (yayi) ingafakasizwa ngokwesayense ukuthi yayingekho lapho.”

¹⁰⁷ Manje, banomqondo ofanayo namhlanje. Uma udokotela wakho ethi unomdlavuza, uzofa, nesayense iyafakazisa ukuthi unomdlavuza, futhi usesigabeni esesiqhubekele phambili, kungubulima ukucabanga noma yini ehlukile, ngoba uzofa; yilokho kuphela. Isayense ithi uzofa. Bakuhlolile, futhi yilokho konke kwakho. Uzofa. Futhi bacabanga ukuthi kungukuhlanya uma ungazama ukusho ukuthi uNkulunkulu wathembisa ukukwenza. Niyabo, njengoba kwakunjalo, uzofanele ukumele lokho kuthukwa.

¹⁰⁸ Bathi, uma udokotela ethi lapha, “Sibhekisisile, futhi umdlavuza usuqhubekele phambili. Sikuqhaqhile. Usemzimbeni wakho wonke, nasenhliziyweni yakho, emaphashini akho, esibindini sakho, yonke indawo. Akunakwenzeka.”

Ngakho-ke, uyabona uma wena uthi, “Kodwa uzophila, noma kanjani.”

Bathi, “Awu, umfo bandla, velani nimyeke.”

¹⁰⁹ Ngikhumbula ubusuku. UBill Hall, uMfowethu Hall ezansi ebandleni laseMilltown, iningi lenu liyalukhumbula udaba. Futhi ngenkathi e. . . Bangibiza ngaphuma. Umkami, umkhwekazi nami, saphuma lapha. Washadelwa intombazane eyayingudadewabo, ngiyakholwa, kuGeorge Cupp, wayengusodolobha, noma umahluleli lapha. Owakhe. . . Lowo kwakungusbari wakhe. Bamenyusela lapha ukuba afe. Udokotela eMilltown, udokotela eNew Albany, waxilonga udaba lwakhe njengomdlavuza wesibindi. Ngakho ngehla ukuyobona

uNkk. Hall. Futhi wayephethwe ijondisi, futhi wayesephuza yonke indawo. Futhi ngathi, “Awu, ngicabanga ukuthi uzofa.” Futhi ngathi. . .

¹¹⁰ Wathi, “Mfowethu Bill, ngabe ikhona indlela ene... Ungezwa kuNkulunkulu na?”

Ngathi, “A—angazi, Dadewethu Hall. Ngingakhuleka.”

¹¹¹ Ngakhuleka. Futhi ngabuyela ekhaya, futhi iNkosi ayishongo lutho kimi. Khona-ke ngaphindela emuva, ngosuku olulandelayo, ngaphinda ngakhuleka futhi.

Futhi wathi, “Uyamazi noma yimuphi udokotela okahle na?”

¹¹² Ngathi, “Awu, udokotela wethu womndeni nguDkt. Sam Adair, ezansi lapha eJeffersonville. Uyi—uyi—uyi... Ubaba wakhe wayengudokotela wethu womndeni. USam omncane nami besilokhu singabangane besifuba, futhi—futhi saya esikoleni cishe ngesikhathi esifanayo, sikhuliswe ndawonye. Sihlale siya kuye uma kukhona okungalungile.”

Wathi, “Ngiyazibuza uma ubengeza abheke uBill Hall na?” umyeni wakhe.

Ngathi, “Ngizomcela.”

¹¹³ Awu, uSam washo kimi, wathi, “Billy, uma udokotela wathi wayenomdlavuza,” wathi, “kukhona into eyodwa kuphela, mina ukuba ngiyenze, ngizomthumela komunye umuntu okhaliphile kunami, koyisipesheli. Futhi sizothatha i-izithombe ze x-reyi; futhi ngeke simfake ngaphansi kwenye inkathazo futhi.”

¹¹⁴ Sathumela eNew Albany futhi sathola izithombe ze x-reyi kudokotela ezansi lapho. Samyisa eLouisville futhi bamhlola, bamwelisa nge-ambulensi, futhi bambuyisa.

¹¹⁵ Awu, kusobala, wayengeke asho kuNkk. Hall ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, ngakho wabiza mina. Wathi, “Uzofa,” wathi, “umngane wakho ongumshumayeli.” Wathi, “Oyisipesheli eLouisville usanda kungibiza nje, futhi wathi, ‘Ukuxilongwa odokotela abakunikezayo e—e... ezansi eMilltown; nodokotela, eNew Albany; wanikeza uhlobo oluyilo lokuxilongwa.’” Futhi wathi, “Umdlavuza wesibindi, futhi usuqhubekele phambili. Futhi, Billy, asikwazi ukusika sikhipe isibindi sendoda, futhi yona iphile.” Wathi, “Izofa. Futhi uma ingumshumayeli, beyifanele ime ngomumo.”

¹¹⁶ Ngathi, “Lowo akusiwona umbuzo. Kepha akevile eminyakeni engamashumi amahlanu nanhlanu ubudala, ngakho usenenqwaba yempilo kuye nokho, ukuze ashumayele.” Futhi ngathi, “Awu, uma ezofa, lokho kuyakuxazulula khona-ke. Ngiyabonga, Dkt. Sam.”

¹¹⁷ Futhi ngehla futhi ngabizela uNkk. Hall ngaphandle, futhi ngamtshela. Ngathi, “Nkk. Hall, uSam uthe ukuxilongwa

kwaseLouisville lapho bekuyinto efanayo njengoba bekunjalo eNew Albany naseMilltown. Indoda iyafa. UMfowethu Hall uzofa. Futhi unomdlavuzwa esibindini, futhi sewuqhubekele phambili.”

¹¹⁸ Futhi ngakho waqala ukukhala. Ngaphenduka, ngakhuleka kanye naye. Futhi wayekhunganathekile kakhulu, khona-ke, waze wangazi ukuthi ngangisegumbini.

¹¹⁹ Ngakho, ngiyabuya. Futhi iningi labantu bafika endlini, ngalezo zinsuku. Kwakungekho muntu omunye ensimini. Kwakungakakonakaliswa ngokuningi kangako, futhi abantu babevela kuyo yonke indawo.

¹²⁰ Ngangifuna ukuphumula kancane. Ngakho nganyelela ngangena, ngavuka kusesekuseni, cishe ligamenxe elesibili, noma ngehora lesithathu nqo. UMfowethu Wood wayengakaze anyukele emzileni ngaleso sikhathi. Futhi ngabheka ngaphandle emhubheni, futhi kwakungekho, kungekho muntu phandle lapho, ngakho ngathola isigqoko sami esidala ngase nginyelela ngingena elawini, futhi ngathola isibhamu sami esikhulu i .22. Futhi ngangizophuma futhi ngizingele izingwejeje, kwaze kwafika cishe kwelesishiyagalombili nqo, ngaseke ngicambalala phansi ngasesihlahleni endaweni ethize futhi ngazitholela ubuthongo obuncane. Wawungeke ukwazi ukukuyisa ngasekhaya.

¹²¹ Ngathola isigqoko sami futhi ngaqala egumbini. Okulenga odongeni kwakuyi-apula. Futhi kwakuyi—i-apula elonakele kakhulu. Lalidliwe umswenya, futhi lalisamafindo, futhi lalingumsheshelengwane yonke indawo. Futhi ngacabanga, “UMeda ukulengiseleni lokho odongeni na?”

¹²² Futhi ngaqaphela, futhi, futhi lalingekho odongeni. Lalilenga emoyeni. Ngahlwitha isigqoko sami esidala, ngabeka isibhamu esikhulu ekhoneni, futhi ngawa ngamadolo ami. Ngathi, “Nkosi, yini Ongathanda ukuba inceku yaKho iyazi na?”

¹²³ Ezansi kuza elinye, ezansi kuza elinye, kwaze kaba cishe ama-apula amane noma amahlanu (ngiyakhohlwa nje manje ukuthi kwakuyikuphi) alenga lapho. Khona-ke elikhulu kakhulu, i-apula elihle, imidwa kulo; elikhulu kakhulu nje, i-apula elibukeka linempilo, lehla futhi lashovela lawo ma-apula abukeka njengemithuthambi. Futhi Wathi, “Vuka. Yima ngezinyawo zakho.” Wathi, “Hamba, utshele uBill Hall, akazukufa. Uzophila.”

¹²⁴ O, ngagijima ngokushesha engangingakwenza, futhi ngathi, “Nkk. Hall, ngino ISHO KANJE INKOSI. Uzophila.” Futhi wangizwa. Futhi wayezama ukukhala, futhi akabange esakwazi ukukhuluma.

¹²⁵ Ngabuya futhi ngabiza uSam. Ngase ngithi, “Sam, umfowethu—wethu uzophila.”

Wathi, “Angaphila kanjani enjalo na?”

¹²⁶ Ngathi, “Lokho akusikho okwami ukuba ngikucabange. UNkulunkulu usho kanjalo. Lokho kuyakuzazulula.”

¹²⁷ Uyaphila namhlanje. Lokho sekube cishe iminyaka eyishumi eyedlule. Unamandla nje futhi unempilo. Unkosikazi wakhe sewafa kusukela ngaleso sikhathi. Usephinde washadelwa futhi.

¹²⁸ Kuzokwenzakala kanjani kuGeorge Wright, futhi abanye abaningi esingahle sibasho, lowo esingambiza na? Kuyini na? Kungukumela ukuthukwa. Bayahleka futhi bahlekise.

¹²⁹ Ngiyakhumbula lapho ngaphambi kukazamcolo ka '37. Ngama lapho neNkampani yakwaFalls City Transfer, futhi ngangibatshela ngokuthi, kwakuzoba namafidi angamashumi amathathu nambili amanzi, ngikholwa ukuthi kwakunjalo, kuMgwaqo uSpring. Bangihleka. Bathi, “UBilly bandla. Ngicabanga ukuthi...Leyonganyana!” Ngangingumfana nje ngaleso sikhathi. Wathi, “UBilly uyinganyana elungile. Kuyihlazo ukuthi uxoveke wonke.” Ngangingaxovekile. Ngangibhaphathizwe *phakathi*, hhayi ukuxoveka. Nganginga “phakathi” nje. Futhi kwenzeka nje ngaleyo ndlela.

¹³⁰ Selokhu kade ngikhuluma, ngiqaphele uDadewethu Hattie Wright, ngiyakholwa, ehlezi emuva lapho. Uyalukhumbula lolo daba ngoBill Hall. Abaningi. Bangaki olapha, okhona kulokhukusa, okhumbula udaba na? O, he! Impela. Kunabaningi benu.

¹³¹ Manje, bayasizwela, bazwela noma ubani ozama ukubambelela eZwini, ezinsukwini zabahleki abahleka usulu. Kodwa, khumbulani, ukuthukwa kumele kufike. Bekuhlale kungaleyo ndlela. Kufanele ukuthi bacabanga, njengalokho benza ngaleso sikhathi, ukuthi uNkulunkulu, ngemva kokuba noma yini yayisifakazelwe ngokwesayense, ukuthi uNkulunkulu wayengeke akhuluma noma yini eyayimelene nesayense. Awu, yilokho okuMenza uNkulunkulu. Ukuba nje wahamba ngokwesayense, khona-ke kwakungeke kube ngaphezu kwalokho nje umuntu abengazuza ngempumelelo. Kodwa, UnguNkulunkulu. Ungu—UnguMdali wesayense. Angenza lokho Afisa ukukwenza.

¹³² Kufanele ukuthi bacabanga, “UNowa omdala bandla, awu, shiyani umfo omdala phansi. Uphuthwa yibo bonke ubumnandi esinabo kulezi zinsuku, ngakho myekeni nje.” Sekuthi akufane manje.

¹³³ Kodwa, manje, ngifuna ukusho enye into lapha. Manje, sibheka emuva futhi silwazise ukholo lwakhe. Kodwa ngiyazibuza, ukuba saphila kulolo suku, ngabe sathatha ukuma okufanayo uNowa akuthatha na? Besiyokwazi futhi sifise ukumela ukuthukwa okwakuhamba neQiniso na? Ngenkathi, kuzo zonke izigidi ezazikhona emhlabeni ngaleso sikhathi, kwakukhona uNowa nomndeni wakhe kuphela abamela

leloQiniso. Nike nacabanga ngakho na? Leyondoda nje kuphela namadodana ayo amathathu, nomalokazana bayo, umkayo, kwakunguye kuphela owamela leloQiniso. Kodwa babe no ISHO KANJE NKOSI. Sibheka emuva futhi simazise. Besingakucabanga futhi na?

Ngizofanele ngiphuthume ngenxa yalezizipho zezinganyana.

¹³⁴ U-Abrahama, lona kanye igama *Abrahama* lisho u “yise wabaningi,” kumenza u “yise wezizwe.”

¹³⁵ Manje, u-Abrahama wezwa iZwi likaNkulunkulu. U-Abrahama wayengumprofethi, futhi wezwa iZwi likaNkulunkulu. Futhi siyamazisa u-Abrahama ngokubambelela kwakhe eZwini likaNkulunkulu; ukuthi wazihlukanisa kanjani nezihlobo zakhe zegazi; kwakunzima kangakanani ku-Abrahama. Wakhulela lapho. Wehla kusuka eBabele, futhi—futhi wayesezansi lapho ezweni laseShinari na—a—amaKaledi, emzini wase-Uri, lapho bonke abahlobo bakhe, abantu bakubo, nalabo ayekhonzwa nabo, nakho konke. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Zahlukanise.” O, he! Into esabeka kangako pho okwakuyiyo, ukushiya konke lokho ayekuthanda, konke okwakungokoqobo kuye, lokho ayekuthanda. Futhi uNkulunkulu wamtshela, “Zahlukanise.”

¹³⁶ Futhi umnika into eyinqaba kakhulu. “Uzoba nengane ngomkakho.” Futhi wayenamashumi ayisikhombisa nanhlano, futhi owesifazane enamashumi ayisithupha nanhlano. Kwanqamuka ukuba naye njengabesifazane, njengokwesimo sabesifazane owayezoletha abantwana, iminyaka. Futhi lapha, emva kokuhlala naye kusukela eseyintombazane, ngoba wayengudadewabo ingxenye, futhi-ke owesilisa wayengamletha kanjani lowo mntwana na? Futhi manje ungake ucabange ngo-Abrahama ephuma phakathi kwabahlobo bakhe, futhi ethi, “Sizoba nengane, uSara nami”? Ubungakucabanga lokho na?

¹³⁷ Ngani, abantu bathi, “Umfo omdala bandla, kukhona okungahambi kahle ngaye.”

¹³⁸ Ukuthukwa, kodwa u-Abrahama wabambelela kukho. Futhi lapho eseneminyaka eyikhulu ubudala, akazange angabaze esithembisweni sikaNkulunkulu. Wayesalokhu emele ukuthukwa, impela, ebambelele kuso.

¹³⁹ Niyawuqaphela umehluko phakathi lapho na? USara wazama ukunika u-Abrahama, noma ukunikeza uNkulunkulu, njalo, usizo oluncanyana, ngokwakhe. Wacabanga, uyazi, ukuthi, ngaphandle kwalokho kunalokho uNkulunkulu akuthembisa. “Manje, uyazi, ngingowesifazane osekhulile, kodwa uHagari lapha ungowesifazane omuhle. Abrahama ngeke ube nankinga ukushadelwa nguye, futhi. Ngakho, niyazi, lokho ku—lokho kuyosiza uNkulunkulu. Lokho kuyosiza uNkulunkulu, ngoba uHagari, lapha, mhlasi- uneminyaka

engamashumi amabili ubudala kuphela. Uyincekukazi yami. Futhi uyazi ukuthi ngizokwenzani na? Ngizomnikezela kumyeni wami, abe ngunkosikazi,” ngoba isithembu sasisemthethweni. Ngakho wathi... “Ngizomnika yena, futhi uzoba nengane ngomyeni wami, bese-ke ngizothatha ingane. Futhi lesi ngesisodwa, uNkulunkulu wathembisa.”

¹⁴⁰ Niyabo, sihlala sizama ukwenza okuthile; asiMlindi. Sifanele senze okuthile, ngokwethu. Kungahle ukube bekukahle. Ngahle ukuba wayemuhle. Kungahle kubukeke kukuhle kakhulu, kodwa kwakungesikho ngokweZwi. UNkulunkulu watshela u-Abrahama, “Ingane yayiza ngoSara.”

¹⁴¹ Niyakukhumbula lokho Akushoyo ngoMhlambi omncane na? “Lezi zibonakaliso zizobalandela labo abakholwayo.” “Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaNowa, kuzoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho ingosana, ngisho imiphfumulo eyisishiyagalombili, yasindiswa.” Lawo maZwi angeke ahluleke, ngakho-ke ake siziqaphelisise futhi sihlale neZwi. Kulungile. Niyabo?

¹⁴² Abantu bahlala bezama ukukhiqiza okuthile, ukuthatha indawo yentando kaNkulunkulu yokudala. Niyabo, njengoba bengivame ukusho, futhi mhlawumbe ngaphambi kwebandla, ngaphambili, niyazi, ubungeke ucele imvu ukuthi, “Ungangikhiqizela uvolo na?” Qhabo, ayikwazi ukwenza lokho. Manje, imbuzi ayikwazi ukukhiqiza uvolo, ngoba imvelo yayo ngeke iyivumele. Akunandaba ukuthi ubuyozama kangakanani ukubophela uvolo wemvu embuzini, ngeke kusebenze. Imbuzi ayikwazi ukukhiqiza uvolo, nemvu ayibukhiqizi uboya. Kodwa inovolo ngoba iyimvu. Yilokho okuyenzayo. Ayikhiqizi.

¹⁴³ Asifanele ukuba sikhiqize izithelo zikaMoya. Sifanele sithole izithelo zikaMoya. Isihlahla sama-apula asiwakhizizi ama-apula; sivele silithele ngoba siyisihlahla sama-apula.

¹⁴⁴ Futhi uma sizama ukukhiqiza noma yini, “Ngizosiza iMbanga. Ngizofunda iminyaka eyishumi ekholiji lezenkolo. Ngizofunda *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, futhi ngithole iZiqu zami zobuCiko zobuDokotela zami. Ngizosiza iNkosi, ngedwa.” Ngeke kwasebenza.

¹⁴⁵ UNkulunkulu, ngokumisela ngaphambili, ubiza Athanda ukumbiza. Unika uMbuso kunoma ubani Afisa ukuWunika yena. Safunda lokho ngoNebukadinesari.

¹⁴⁶ Safunda lokho ngo—ngoJeremiya. Lapho uNkulunkulu ayemtshela khona ngeZwi leNkosi, ukuthi kwakuzoba khona isikhathi ukuthi u-Israyeli wayezothathwa angeniswe eBabiloni iminyaka engamashumi ayisikhombisa. Lapha kuvela omunye umprofethi. Usevele umtshelile, wathi, “Manje, uzoba nabaprofethi, bazovuka. Futhi uzoba nabo ezansi lapho eBabiloni, ozovuka, futhi abaphuphi nabaprofethi,

abazoprofetha ngokuphambene naLokhu. Kodwa atshele abantu ukuba bangalaleli labo bantu.”

¹⁴⁷ Futhi kuza kwenyuka umuntu ogama lingu—lingu, omunye wabaprofethi, u-Ananiya. Futhi ngenkathi uJeremiya wayemile lapho egaxe ijoka entanyeni yakhe, kuza kwenyuka u-Ananiya, wathi, “ISHO KANJE INKOSI, Eminyakeni emibili egcwele, zonke izitsha zeNkosi. . .” Manje, ngokuqavile, kwakubonakala kukuhle kakhulu. “UNkulunkulu uzobusisa abantu baKhe. Uzobuyisela konke ncamashi nje, eminyakeni emibili.”

¹⁴⁸ Futhi iBhayibheli lathi, ngisho nomprofethi uJeremiya wathi, “Amen. Amen. Ananiya, kwangathi iNkosi ingafezekisa amazwi akho. Kodwa ake sicabange ngento ethile, Ananiya. Kube nabaprofethi phambi kwethu, futhi baprofetha ngokumelene nezizwe ezinkulu zempi, nokunye nokunye. Kodwa, khumbula, umprofethi waziwa emva kokuba isiprofetho sakhe sesibonakalisiwe.” Niyabo?

¹⁴⁹ Khona-ke u-Ananiya wakhuphuka, wasusa ijoka entanyeni kaJeremiya, phambi kwabo bonke abapristi nenhlangano yebandla, mhlawumbe abantu abayisigidi nengxenye. Futhi wathatha lelojoka uNkulunkulu ayelibeke entanyeni kaJeremiya, okophawu, futhi walephula laba yizicucu, futhi waliphonsa ezinyaweni zakhe, eshisekela nje, wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI; Eminyakeni emibili, lizobuya.”

¹⁵⁰ UJeremiya wambheka nje. Kwakuphambene neZwi, ngakho wavele wahamba nje. NoNkulunkulu wathi, “Buyela emuva umtshela,” wathi, “Angikaze ngikhulume naye.”

¹⁵¹ Wayeshisekele nje. Wathatha ukuzwakaliswa kwakhe uqobo. Niyabo? Akazange alinde kuze kuba ngokwempela ukubonile futhi wazi ukuthi kwakungesiye, ukuthi kwakunguNkulunkulu ekusho. Wabuyela emuva, eshisekele wonke. Uma. . .

¹⁵² Siyakuthola, kunqamula izwe, namhlanje. Enye yamatheyipu ethu yayidlalwa maduze ekhaya, lapho iqembu labefundisi laliqinisele lase-ke likholiseka, futhi laliza ukuba libhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Futhi kwaphakama indoda egumbini, eyakhuluma ngezilimi futhi yathi, “ISHO KANJE INKOSI. Bambelela kulokho onakho. Qhubeka nje, uqhubeka, futhi ngizokubusisa.”

¹⁵³ Bathi, “Awu, uma iNkosi isho lokho, ngicabanga ukuthi yilokho-ke.” Niyabo, akuhloliwe ngeZwi. Kumele kuthathe iZwi, kuqala. Nakho lapho okhona. Kwakuphambene neZwi.

¹⁵⁴ Nakhu kubuya uJeremiya, lowo mprofethi ogcotshiwe. UNkulunkulu wamtshela, wathi, “Ngiyazi ukuthi u-Ananiya wephula lelojoka lokhuni phezu kwentamo yakho, engalibeka, kodwa Ngizokwenza elilodwa ngensimbi.” Wathi, “Futhi zonke lezi zizwe ezehlile ukukhonza uNebukhadinezari, inceku yaMi,” futhi wayengumhenedi. Niyabo? Futhi u-Israyeli, egcina yonke imihlatshelo yabo, kodwa babenga. . . Niyabo?

155 UNkulunkulu wenza isithembiso, ukuthi Wayezobusisa, kodwa lezo zibusiso zingaphansi kwemibandela. Futhi uzofanele uhlangabezane naleyo mibandela, ukwenza lokho kusebenze.

156 Ngihlezi, isikhashana esedlule, nencane, intombazana ethobekile lapha. Okokuqala, ngakamisisa lowo mndeni, ukubona uma kwakukhona okungahambi kahle. UNkulunkulu uzophulukisa, kodwa kungaphansi kwemibandela. Niyabo? Into kuphela engiyitholile, kwaba ngukuthi, umama esaba ukuthi kwakungalungile ukuthatha umuthi. Ngathi, “Ungakucabangi lokho, dadewethu. Khipha lokho engqondweni yakho. Qhubeka nomntwana. Mnike umuthi. UNkulunkulu uzokwazisa lokho.” Niyabo?

157 Manje, kodwa, into ingukuthi, thola, wazi. Bese kuthi-ke, uma kungu ISHO KANJE INKOSI, kulungile.

158 Manje siyathola lapha ukuthi, laba bantu, babezama ukukhiqiza into ethize; uHagari no—noSara, ukusiza u-Abrahama, ukusiza uNkulunkulu ukuba afezekise isithembiso saKhe. Awukwazi ukwenza lokho. Akukho ndlela, nhlobo, yokukwenza. Ku—kumelene nakho konke. IZwi likaNkulunkulu lizokwenzeka, noma kanjani. Ufanele nje ume ngqo eZwini, bese uthi, “Yilendlela,” futhi ugcine iZwi. Manje, qaphelani, ukukhiqiza into ethize ukuthatha indawo yeZwi laKhe!

159 Mhlawumbe abangane baka-Abrahama, nabo, uma sake saqaphela, mhlawumbe abangane baka-Abrahama bafika base bethi, “Awu, yise wezizwe, bangaki abantwana onabo manje na?” Lapho wayeneminyaka eyikhulu ubudala. “Awusho, yise wezizwe, yise wabaningi, bangaki abantwana onabo manje na?” Abahleki abahleka usulu!

160 Manje, awukasiboni isikhathi na? Asikasiboni, lapho ngezinye izikhathi ukuthi sakhulekela into ethize, kwangenzeka na?

161 “Lapha kuhlezi indoda endala,” bathi. “Iyimpumpithe. Iyisithulu. Iyisimungulu. Iyagula. Yenze *lokhu*. Welela lapho futhi uyiphulukise, wena mphulukisi ngokukaNkulunkulu. Sizokukholwa.”

162 Ngabe baqaphela ukuthi yilowo develi ofanayo owathi, “Yehla esiphambanweni, futhi ngizoKukholwa. Phendula lamatshe abe yisinkwa, futhi ngizokukholwa”? Niyabo? Lowo develi ofanayo owathandela indwangu amehlo iNkosi yethu, futhi waYishaya ekhanda ngenduku, wayesethi, “Manje, uma Ungumprofethi, sitshele ukuthi ubani oKushayile, futhi sizoKukholwa.”

163 Awu, nanazi Wayazi ukuthi ubani oMshayile. Wayengawaphendulela lawo matshe abe isinkwa. Noma, Wayengehla esiphambanweni. Kodwa besiyoba yini namuhla ukuba Wakwenza na? Niyabo? Abalwazi uhlelo

lukaNkulunkulu. Ufanele uthole ukuthi yini uNkulunkulu ayethembisile.

Manje ngifanele ngiphuthume.

¹⁶⁴ Manje, manje kungenzeka ukuthi bathi, “Yise wezizwe, sikuzwile, eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule, uthi wawuzoba nomntwana ngoSara, futhi kulowo kwakuzoza izizwe zabantu. Bangaki nje abantwana onabo ngalesi sikhathi, yise wezizwe na?” Hhe! Niyabo? Lokho yilowo moya omdala ofanayo osolayo oyogxeka.

¹⁶⁵ Wenzani u-Abrahama na? Wathi, “Akangabazanga esithembisweni, sokungakholwa.”

“Ngani, lapha wena wakhulekela u*Sbani-bani*, futhi abasindanga.”

¹⁶⁶ Lokho akunandaba. Uma ngikhulekela izinkulungwane eziyishumi kulobubusuku, futhi izinkulungwane eziyishumi zife ekuseni, kusasa ebusuku ngisagcoba abagulayo futhi ngibakhulekela. UNkulunkulu washo njalo. Akukumisi, nakanci. UNkulunkulu wakwethembisa. Ngiyakukholwa. Ngokuqinisekile. Akwenzi nayimuphi umehluko lokho abakushoyo, noma kunjalo. Kodwa, bazohleka usulu. Lokho ukuthukwa kweZwi.

¹⁶⁷ U-Abrahama, emi eZwini likaNkulunkulu, ekugcineni Lagwaliseka. O, he!

¹⁶⁸ Bhekani ukhleka usulu kobunyumba. Ukuhleka usulu, futhi ukuthukwa kobunyumba, kuqala. Babe...Wayedingeka ukuba amele ukuthukwa kokuba inyumba yonke leyo minyaka. Wayesondele ekubeni neminyaka eyikhulu ubudala. Wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye, neZwi likaNkulunkulu elathi wayezoba *yinkosazane* futhi, umama walowo mntwana. Futhi yena no-Abrahama, inyumba, imizimba yabo—yabo bobabili ifana nefile, kodwa nokho abazange bangabaze leloZwi, nakanci. Kodwa babedingeka bamele lokho, kuqala. Futhi-ke, haleluya, uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe, ngalelo hora elimnyama: u-Isaka wazalwa. “Futhi inzalo yakhe injengezihlabathi zolwandle noma izinkanyezi zeZulu.” Niyabo? UNkulunkulu njalo uphendula iZwi laKhe. Yebo. Ubunyumba kuqala, khona-ke u-Isaka.

¹⁶⁹ Uzakariya no-Elizabethhe, ngokufanayo, leyo ndoda endala nowesifazane omdala, besalokhu bebambelele. Futhi ngenkathi uZakariya ekhuphukela lapho, futhi engabhala phansi esiletini sakhe, futhi wathi, “INgelosi yahlangana nami, yangitshela ukuthi ngizozala umntwana ngo-Elizabethhe, umkami omdala lapha. Angisakwazi ukukhuluma. Ngiyisimungulu. Ngizoba yisimungulu kuze kube usuku ingane ebelethwa ngalo. Kodwa kuza ingane, futhi izoba ngumprofethi woPhezukonke. Izokwethula iNkanyezi yoKusa. Ingumanduleli kaMesiya.” Kwakungake kube kanjani na?

¹⁷⁰ Abanye bathi, “Umfo omdala bandla. O, ngi—ngicabanga ukuthi uthi ukuba nokungashayi khona okuncane ekhanda lakhe, niyazi. Kunento ethize encane. Kodwa bukani u-Elizabethhe omdala laphaya, ngasemashumini ayisishiyagalombili. Futhi bukani—bukani—bukani uZakhariya, emdala kakhulu futhi eqhaq hazela, bese kuthi-ke uzosho into efana naleyo. Awu, umfo omdala bandla.”

¹⁷¹ Kodwa wayeneZwi leNkosi. Ukuthukwa okunjalo, waze wazifihla izinsuku eziningana. Kodwa wahlala neZwi. O, he!

¹⁷² Ukwenqaba ukuthandwa ngabantu, ukwenqaba umbono othandwa ngabantu, wenqaba ukupholishwa kosuku, nezitayela nezinto zosuku lwabo. Bakwenqaba. Benqaba ukuhamba nesixuku sabangakholwa. Bazenqaba izinto zezwe. Kwakudingeka bakwenze, ukuhlala neZwi likaNkulunkulu. Kwakudingeka bakwenze.

¹⁷³ Kunjalo namhlanje. Uzehlukanisa nakho konke ngaphandle kwakho noNkulunkulu. Akusikho okwenziwa yibandla. Yilokho okwena noNkulunkulu. Niyabo? Nguwe, njengomuntu ngamunye. Yebo.

¹⁷⁴ Kodwa bukani lokho uNkulunkulu amnika khona. Lapho uJesu qobo lwaKhe efika, uZakariya wayengasekho, u-Elizabethhe, naye. Kodwa ngenkathi indodana yabo ifika ehlane, ino ISHO KANJE INKOSI, uJesu wathi, “Akukaze kube khona umuntu ozelwe ngowesifazane omkhulu njengaye.” Amen. Ini? Wahlopheka ngokuthukwela ubunyumba. Wahlala eZwini, futhi wabeletha indodana enjalo.

¹⁷⁵ NjengoSara wasemandulo, njengo-Abrahama wasemandulo, izithandani ezindala zabambelela kuso. Bukani, iningi kwelake lazalwa, “njengezihlabathi zolwandle,” alukho uhlanga lwabantu emhlabeni oluninigi njengamaJuda. “Njengezihlabathi zezilwandle noma izinkanyezi zezulu.” Yini eyayenzakalile na? Kwenzeka kwidlanzana, umntwana oyedwa.

¹⁷⁶ Manje niyabona lapho ngibheke khona na. Umntwana oyedwa, yilokho kuphela okwakuthathayo. Kwathatha umntwana oyedwa ukuzamazamisa izizwe futhi akhombe kuMesiya. Kwathatha oyedwa, olalelayo. Kunjalo. UNkulunkulu udinga indoda eyodwa nje. Yilokho kuphela Akudingayo, endaweni ethize lapho Angaba khona nephimbo. Yilokho kuphela Akufunayo, ukuthola indoda eyodwa abe sekulawuleni kwaKhe. O, Uthanda kanjani ukuthola indoda eyodwa!

¹⁷⁷ Wathola uNowa, ngesinye isikhathi. Wathola u—Wathola uMose, ngesinye isikhathi. Wathola u—uJeremiya. Wathola u—u Eliya. Wathola u—Elisha. Wathola uJohane. U—Uthola... Wathola uSamsoni. Inqobo nje uma Engathola indoda eyodwa ekulawuleni kwaKhe, lelo yiPhimbo laKhe. Angakhuluma ngayo. Angalahla izwe. O, he!

178 Indlela Alamba ngayo futhi akhwele, ukuthola indoda ekulawuleni kwaKhe, “Engingakhuluma ngaye. Ngingenza iPhimbo laMi laziwe. Nakuba ezomela ukuthukwa, kodwa ngingenza iPhimbo laMi laziwe.” Niyabo? O, yebo.

179 Ubunyumba, kuqala. Umele uzale, umele ukuthukwa ngobunyumba. USara wayedingeka akumele. Kanjalo noZakariya no-Elizabethe wayefanele akumele.

180 Bukani, namuhla. Manje ngizosho into ethize. Bukani namhlanje kubantwana besifebe. Sithathe izizwe ngaphansi komthetho wezombusazwe wehlelo, isifebe namadodakazi aso. Bukani ukuthi sizukulwane sini amahlelo asikhulisile, futhi abambalwa kanjani abalungileyo. Ningakhathazeki. Hlalani neZwi. Kulungile.

181 Ungahle uhlekwe usulu, ubizwe ngomgingqiki ongewele. Ungahle ubizwe onke, noma yiluphi uhlobo lwegama elibi. Kodwa, hlala khona lapho, YiZwi, ukuthukwa kweZwi, into abazoyisho ngawe.

182 Umfo omncane, angahle abe lapha kulokhu ukusa. Ungumngane wami; uJim Poole, uJim omncane, abantu bakhe—bakhe. Wabuzwa ngolunye usuku. Awu, wabhaphathizwa lapha. Omunye washo kuye, wathi, “Uma ubuzobhaphathizwa ebandleni, kungani ungazange uthole ibandla elikhulu, into ethize na?” Niyabo? Kodwa wabona ukuKhanya. Kwakuyilokho-ke. Niyabo?

183 “Baningi abantwana bongalungile kunabolungile.” Ya. Kulungile. Bambalwa kangakanani, abokulunga! Bukani ukuthi idlanzana elincane kanjani elalikhona khona ngosuku lukaNowa. Niyabo? Bukani ukuthi kwakuyini ezinsukwini zaseSodoma. Niyabo? Bambalwa kanjani abalungileyo!

184 Bangaki abantwana isifebe esinabo! Siletha nje abantwana noma ngayiphi indlela endala, kodwa bonke bangamavezandlebe. Isifebe sizala isifebe. Inja izalainja.

185 Futhi uKristu uzala ogcotshiweyo. IBhayibheli lizala abalungileyo, ngakho-ke sifanele sikwazi ukumela umcabango wokuba yisigejane esincane. Kuyinto enhle kakhulu kanjani pho!

186 Bukani ebandleni elikhulu lase-Efesu, kwakunabayishumi nambili kuphela kulo. Ya. Bukani ukuthi iqembu elinjani esinalo namuhla, uhlangothi lwabo. Ya.

Kwakukhona imiphefumulo eyisishiyagalombili kuphela ezinsukwini zikaNowa.

187 Kwakukhona abahlanu kuphela ezinsukwini zikaLoti, qhabo, abane; uLoti nomkakhe, amadodakazi akhe amabili. Futhi waphenduka waba insika yetshe emva kokuba esephumile, ngokubheka emuva. Empeleni, abathathu abaphuma ngalolo suku.

188 Futhi uJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo ngalezo zinsuku.” Kusifanele ukubhekisisa futhi siqaphele. Bambalwa kangakanani abalungileyo! Kodwa, njenganini-nini, abahleki abahleka usulu bafanele bathuke. Inyumb- . . . Mela ukuthukwa ngobunyumba, kuqala. He!

189 Ngizofanele ngiphuthume. Ngi . . . angi . . . Ngifuna ukusiza ngithole lezi zinganyana. Ngibekezeleleni nje kancanyana. Niyabo?

190 Amadoda ahlale efana njenganini-nini. Manje ngizosho okuthile futhi. Futhi ngifuna nina . . . Futhi angazi noma kuyateyishwa yini, noma qhabo. Kodwa uma kuseteyipini, ngifuna ningilalele, nina eniseteyipini. Ningakugeji, kodwa kutadisheni. Indoda manje injengoba ibilokhu injalo. Idumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile; ibheke phambili kulokho Azokwenza; futhi ingakunaki lokho Akwenzile nakwenzayo. Idumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile; ibheke phambili kulokho Azokwenza; kodwa ayikunaki lokho uNkulunkulu akwenzayo, futhi lapho igeja yonke into. Ngithemba ukuthi bayakuthola. Niyabo? Benganaki lokho Akwenzayo! Iyazi ukuthi Wenzeni; futhi iyasazi isithembiso lokho Azokwenza; kodwa iyehluleka ukubona lokho Akwenzayo.

191 O, nina maPentecostal, uma ningesiso isibonelo salokho! Nibheke phambili okuthile ukuba kwenzeka: njengokuvamile, kwenzeka ngaphansi kwenu ngqo, futhi anikwazi. “Ubengathanda ukunifukamela kaningi kangaki, njengoba isikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha anithandi.” Nacabanga kakhulu ngamasiko enu namahlelo kunokuba nenza ngeZwi laKhe noMoya waKhe. Yebo.

192 Ukuthukwa okunje pho kuMariya! (Njengoba sesivala.) Ukuthukwa okunje pho kuMariya noJosefa, ngeZwi laKhe. Yisikhathi sikaKhisimusi. Bengihlela ekubambeni nje kancanyana, kodwa nizozwa okuningi kwakho emsakazweni naphakathi kwabelusi, nokunye nokunye. Ukuthukwa okunje pho ngoMariya noJosefa, ukubambelela eZwini likaNkulunkulu lesithembiso. Khumbulani, manje. Futhi ukuhleka usulu, okwanyusa izinhlonze, lapho bebone uMariya omncane edlula, bebona uJosefa. “Ushada isifebe.” Niyabo? Futhi khumbula, mfowethu, ukuphinga kwakungukufa ngalezo zinsuku. “Manje, mqhelise ekubulaweni. Uzoba ngumama ngawe.” Futhi, kodwa, khumbula, ngaso sonke isikhathi, uNkulunkulu wayesebenzana nabo, futhi kwakungokweZwi. Futhi abakwazanga. Niyabo?

193 “Intombi iyakuzala umntwana.” UJosefa wayekwazi lokho. UMariya wayekwazi lokho, ngoba, emva kokuba iZwi lase lilotshiwe, kwakuneNgelosi ikhuluma kubo, iqinisekisa, noma ibonakalisa lona kanye iZwi elalotshwa, lokho okwakuzokwenzeka. Ningaphuphi manje. Cabangani. UMoya

oNgcwele wehlela emhlabeni; awukaze ukhulume kuyo yonke inhlungano yebandla. Wakhuluma kubo.

194 UJosefa waqalaza. Futhi ngaphambi kokuba iNgelosi ize imvakashele, wathi, “Awu, manje, ngiyamthanda. Kodwa, ngingumuntu olungileyo. Angikwazi ukushada nowesifazane onjalo.”

195 Futhi iNgelosi yeNkosi yabonakala kuye, ephusheni, yayisithi, “Josefa, wena ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akukhulelweyo ngokukaMoya oNgcwele.” O, he! Induduzo enje pho! Niyabo?

196 Futhi, uMariya, endleleni yakhe ebheke emthonjeni. Intombi encane, cishe iminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, ishumi nesishiyagalombili, ishada indoda eyayikade iganiwe ngaphambilini futhi yayinabantwana abane; indoda endala. Futhi yayi. . . Yayiyithanda indoda, futhi—futhi yayingazi ukuthi kungani. Futhi yayiyithanda intombi, futhi yayingazi ukuthi kungani. Futhi babelapha. Iza, iya emthonjeni, ukukha amanzi, nakho konke ukutadisha phezu kwezinto e—eyayicabanga, imiBhalo, akungabazeki, khona-ke ukuKhanya kwabanika phambi kwayo. Ngenkathi lokho kuKhanya sekubanikile, nakho kumi iNgelosi.

197 Ngizazibuza ukuthi uMariya omncane wazizwa kanjani? Nake nacabanga ngalokho na? Ngizazibuza uma azizwela esaba njengoba ngenzile izolo.

198 “Yethi, Mariya!” *Yethi* kusho ukuthi “yima.” “Naka lokho engizokutshela khona. Ubusisiwe esifazaneni, ngokuba ufumane umusa kuNkulunkulu, futhi uzozala uMntwana. Ungazi ndoda, kodwa uzoba noMntwana. Futhi umzala wakho u-Elizabethhe, esemdala, naye, ukhulelwe naye, futhi uzozala umntwana. Futhi lezi zibonakaliso zizokwenziwa.”

Wathi, “Ngabe kuzoba kanjani lokhu, ngazi, ubona ukuthi angazi ndoda na?”

199 Wathi, “UMoya oNgcwele uzokusibekela. LeyoNto eNgcwele ezozalwa nguwe izobizwa ngeNdodana kaNkulunkulu.”

200 Abahleki abahleka usulu mabasho abafuna ukukusho. Wayekwazi. Wayazi ukuthi kuzokwenzeka, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

201 Manje, kufanele ukuthi ngabe wazizwa kanjani, ngalolosuku lokubusiswa, noma ukuzela ukusokwa kweNgane, ngenkathi lapho wayehamba enyuka naleNgane encane ezandleni zakhe, *kanjalo*. Futhi bonke abesifazane begcina ibanga labo, bonke benomsebenzi omuhle wenaliti, ukunikezela izingane zabo futhi babenazo zisokiwe, futhi cishe impela bonke bedonsa iwundlu. Kodwa wayenamajuba afuywayo amabili, ukuhlanza kokuhlanjululwa kwakhe uqobo. INgane encane isongwe ngembeleko, yenziwe ngokusuka ejokeni kwingemuva

lentamo yenkabi, ijoka, ukusonga kwingemuva lenkabi. Lokho nje kwakuyimbeleko emkhombeni. Babengenalutho yaKhe. Babempofu kakhulu. Futhi nangu emile.

²⁰² Akungabazeki, bonke abesifazane babegcina ibanga labo kule ntombi encane. Bathi, “Niyabo, inevezandlebe.” Niyabo ukuthi uNkulunkulu uzenza kanjani izinto zibukeke zingubuqaba. O, he! Uvele nje adonse iwuli ngqo phezu kwamehlo kaSathane. “Ukungcola okunje pho! Ukungcola okunje pho! Ukuphinga. Yilokho eyikho. Iyisiphingikazi.” Lokho akuzange kuvimbe lokho kushaya enhliziyweni kaMariya. Bagcina ibanga labo kuYe.

²⁰³ Basenza into efanayo, baMbiza manje ngo, “Mgingqiki ongcewele, noma uhlanya,” noma into ethize.

UMariya wayazi ukuthi iNgane yayingekabani. Waqhubeka nje, ngokufanayo nje.

²⁰⁴ Kodwa, o, akufanele yini ukuthi baqaphela lapho, uSimeyoni, ehlezi emuva egumbini, wayethenjisiwe? Wahambahamba, eprofetha. Wathi, “INkosi yabonakala kimi.” Futhi yathi, “Angizukukubona ukufa...” Futhi wayenamashumi ayisishiyagalombili nento ngalesosikhathi. “Angizukukubona ukufa ngaphambi kokuba ngibone insindiso yaKhe.”

²⁰⁵ “O, Simeyoni, usukhulile, ndodana. Owakho—wakho... Umfo omdala uthi ukuphambana ekhanda lakhe, niyazi, ungomncane... Myekeni nje. Akayingozi. Ngeke alimaze muntu.”

²⁰⁶ Kodwa uSimeyoni wayeneZwi leNkosi, wathi, “Ngabona uMoya kaNkulunkulu wehlela kimi. Ngama futhi ngaYibheka. Yangitshela ukuthi, ‘Simeyoni, ubungumuntu olungileyo. Futhi awuzuku... Ngizokwenza ube ubufakazi laphaya.’” E-hhe. Yilokho kuphela.

“Uzokwenzelani lokho, Nkosi na?”

“Leyo yindaba yaMi.”

²⁰⁷ Umbono wami ungukuthi, ukuthi Angeke impela athulule ilahle phezu kwabo, ngaloloSuku. “Wawunofakazi. Awukulalelanga ngani na?”

²⁰⁸ Kukhona u-Ana omdala oyimpumpithe, ehlezi ethempelini, ekhuleka. INkosi yembula kuye, “USimeyoni uqinisile.” Amen. Wayengayiboni imini ebunnyameni, kodwa wayengakwazi ukubona phambili kunabantu abanengi namuhla abanamehlo amahle. Yena wabona, ekuMoya, uMesiya ozayo wayeseseduze, uMoya uhambahamba enhliziyweni yakhe.

²⁰⁹ Niyabo ukuthi iBandla elincanyanyana elaba khona na? UZakariya, u-Elizabethhe, uMariya, uJohane, u-Ana, noSimeyoni; abayisithupha ezigidini. Njengasezinsukwini zikaNowa. Abayisithupha kubo. UNkulunkulu wasebenzana

nabo bonke babo. Boke babesekuvumelaneni. Bonke bahlangana ndawonye. Amen.

210 Lapha, uSimeyoni omdala. Nakhu kungena iNgane encane. Wayengakaze azwe lutho ngakho. Nansi iNgane. Futhi uSimeyoni wahlala egumbini lakhe, noMoya weza kuye, wathi, “Phuma, Simeyoni.”

211 Nangu wahamba, ehamba, engazi ukuthi wayeyaphi. Njengo-Abrahama, wayefunisisa okuthile. Wayengazi ukuthi kwakukuphi, kodwa waqhubeka nokuhamba. Ngemva kwesikhashana, wema. Futhi uMoya oNgcwele kufanele ukuthi wathi kuye, “Iphapha.”

212 Wafinyelela ngale, ezingalweni zikaMariya, waphakamisa iNgane ezingalweni zakhe. Wabheka phezulu wayesethi, “Nkosi, inceku yaKho manje mayihambe kulokhu kuphila ngokuthula. Amehlo ami ayibhekile insindiso yaKho.” Into abantu bonke ababehlekisa ngayo, lokho abesifazane ababekugwema, uSimeyoni wathi, “Yinsindiso yaKho, Nkosi.”

213 Futhi cishe ngalesosikhathi, nakhu kufika owesifazane omdala oyimpumpithe, ehamba ezungeza indlela yakhe, ebhadazela ezethamelini. Futhi wenyukela kuYo, futhi naye waphrofetha, ngoba wayebheke Yona. Watshela uMariya, “Inkemba izohlaba inhliziyo yakho, kodwa Izokwembula izizindlo zezinhliziyo eziningi.” Niyabo? Kwakuyini na?

214 Manje, ngiqagele, abanye balabo besifazane bathi, “Manje niyakubona lokho! Niyabona ukuthi hlobo luni lwesigaba na? Nakho lapho ukhona. Niyabo? Yilokho-ke. Niyakubona ukuthi kukuphi na? Leyo ndoda endala, ihlakazekile ekhanda. Nanso laphaya, imi phambi kwaleyo ntombazane eyisifebe, izama ukusho into enjengaleyo. Nakho lapho ukhona. Lowo Mntwana oyivezandlebe. Bukani lowo Ana omdala, uhlezi phansi lapha, ezilambisela ukufa, futhi eqhubeka kanjalo. Ngeke abe nayikuphi ubumnandi njengoba senza. Kodwa, nakho lapho ukhona, niyabo. Wayengaba kunoma yiziphi izinhlangano yezwe lapha. Wayevela emndenini omuhle impela, niyabo, futhi wayengaba ngowalapho. Kodwa nango. Niyabona ukuthi lesi sigejane sihlalanga kanjani na?” O, yebo. Amen.

215 Into efanayo namhlanje. “Ehlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, ephakanyiswa nguMoya oNgcwele.” Impela. Yebo, mnumzane.

216 O, ngabe sinaso nje esinye isikhathi esincanyana na? Ngizofanele ngisho okuthile. [Ibandla lithi, “Yebo.”—Umhl.]

217 Nginomunye umlingiswa lapha, engimbhekile, ngaleso sikhathi lapho iZwi labonakaliswa, izazi.

218 Ngifisa ngabe benginesikhathi, Fred, ukuba wena ufunde lokho. Unakho ephaketheni lakho na? [Umfowethu Fred

Sothmann uthi, “Yebo.”—Umhl.] Ngiqagele abaningi benu bakubonile kwiphephabhuku.

²¹⁹ Into uMoya oNgewele ayikhuluma ezansi lapha emfuleni, eminyakeni engamashumi amathathu nantathu edlule, basanda kukumba nje. UDisemba ziyi 9, uyakufakazisa, ngalowo sonkanyezi, kanjani ukuthi—ukuthi uJupita nalezo zinkanyezi, ekuhambeni kwazo!

²²⁰ Banalowo sonkanyezi ikhal-. . . ukumakwa kwakho, bambile. Yilesa kanye lesa sikhathi lokhu kuhamba kwezinkanyezi okwangena ngaso, esixukwini salezi zinkanyezi, futhi zaphonswa phansi ngqo ngaseBabiloni, futhi izazi zakubhala phansi. Niyakhumbula na? Zanzamula imikhondo yazo, zaphendukela maphansi, zaphinda zahlukana iminyaka eyizigidigidi zokukhanya. Futhi lezo zazi ezingamaJuda ezaziphezulu eBabiloni, zabona lokho kuhamba kwenzinkanyezi kungena kuleso sixuku, lezo zinkanyezi. Ezintathu zazo zangena, ndawonye, futhi zenza leyonkanyezi yokusa eyodwa. Futhi zazi ukuthi ngeZwi likaNkulunkulu, ukuthi kwakuyisikhathi, lapho lezo zinkanyezi zihlangana ndawonye, ukuthi uMesiya wayezoba semhlabeni.

²²¹ Yingaleso sizathu zaqala, “Uphi loWo, ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Uphi Lowo? Ndawo ndawo! Ngokuba, ngenkathi lezo zinkanyezi zingena, kwaze kwaba imizimba yazo yasezulwini iba phakathi kulomzimba owodwa omkhulu wasezulwini lapha, ngenkathi lezo ezintathu zihamba ndawonye, uMesiya uzobe esemhlabeni ngaleso sikhathi.” Futhi ngenkathi zihamba zingena emikhondweni yazo, lawo madoda azi ukuthi uMesiya wayesesemhlabeni.

²²² Zaziyizinkakha emkhakheni yazo. Zazingamadoda amakhulu. Zaziyizinkakha emkhakheni wazo wesayense yezenkolo. Zazibhekisisa uhlangothi lwezenkolo kwakho. Futhi zabona lezo zinkanyezi ziphumela ngaleya, uJupita noSargas, bese-ke zihamba zingene emgqeni wazo—wazo. Futhi zathi, “Siyazi ukuthi uMesiya ukhona ndawo ndawo. Ngakho-ke, Umelwe ukuba seJerusalema, ngoba leyo yindawo eyinhloko yenkolo yomhlaba, yenkolo kaMesiya. Lelo yikomkhulu lazo. Lelo ikomkhulu lobuhlelo. Yilapho iqembu elikhulu labaholi bezenkolo lhlala khona.”

²²³ Futhi bakhwela amakamela bahamba, iminyaka emibili, ezansi ngaphesheya koMfula iTigrisi, futhi badlula emaxhaphozini nasemahlathini, behamba, beya emzini, izinhliziyo zigcwaliswe ngenjabulo.

²²⁴ Zazazi ukuthi leyo izinkanyezi yayilenga nini phakathi lapho. Futhi lokhu, ngisho nosonkanyezi bathi, namuhla, “Uma bona empeleni, lezo zinkanyezi, ziphinda zingena kuleyo ndawo, bekuyokwenza inkanyezi eyodwa, lapho babemi khona,

bebuka.” Kodwa kwadingeka bame kuleyo ndawo, ukukubona. Amen. Amen.

225 Kuncike lapho omi khona. Kuncike kulokho okubukayo. E-hhe. Ya.

226 Ngakho-ke zazibona, futhi zazilandela, futhi zazisemgqeni ngqo. Kungenandaba lapho zazifike khona, kwakusemgqeni ngqo nazo. Yazihola. Niyabo?

227 Yileyo ndlela ozofanele uthole yonke imiBhalo isemgqeni, yonk’into, bese uhlala kulowo mugqa nemiBhalo. Yileyo ndlela kuphela. Kuzokuholela ngqo kuYe. Ngokuqinisekile kuzokwenza.

228 Manje qaphelani. Nazi ziza, zikhala, “Uphi Lowo, ozelwe eyiNkosi yabaJuda na?” Zingena eJerusalema, iNkanyezi yaziholela lapho ngqo, khona ngqo kwikomkhulu lobuhlelo. Kodwa lapho seziphendukela kuyo, iNkanyezi yazishiya. Zasho zangena emzini, phansi naphezulu esitaladini. Zazicabanga ukuthi umuzi wawuyogcwala injabulo kaNkulunkulu. Phansi naphezulu esitaladini, ngenjabulo, zahamba, zimemeza, “Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Sibone iNkanyezi yaKhe ngenkathi sasiseMpumalanga, futhi size ukukhuleka kuYo.”

229 Khumbulani, iNkanyezi, zaya ngasentshonalanga. ZazingaseMpumalanga. “Holela ngasentshonalanga, isaqhubeka. Siholele e...” Niyabo? Ngokoqobo zazi... Zazi... Awu, iBabiloni neNdiya kulele eMpumalanga yePalestine, kuthi akube seningizimu-mpumalanga. Futhi zaziya ngasentshonalanga. “Holelwa ngasentshonalanga,” niyalazi iculo, “isaqhubeka. Siholele kulokho kuKhanya okuphelele.” Niyabo? Zona, izazi, zaziza entshonalanga. Zishiya iMpumalanga, ziya entshonalanga, futhi zabona layoNkanyezi. Manje, uma zaziseNtshonalanga, ngibheke ngasemuva, aziYibonanga. Niyabo?

230 Zona, ngenkathi zifika lapho, Yazihola khona lapho, khona-ke Yazishiya. Futhi zacabanga, “Nakhu. INkanyezi isihambile, ngakho-ke nakhu.” Zisemzini. Ngakho-ke, “O, he,” zathi, “wonke umuntu uyacula futhi ujabule. Inkazimulo kaNkulunkulu isikhanyise konke. Ngakho-ke, sesilapha. Siyazi ukuthi okwethu—siyazi ukuthi ukuzuza kwethu ngempumelelo, njengoba siqaphelile ukuhamba kwezinkanyezi, akukho muntu, akukho nkakha, enganyuka lapho futhi idonse lezo zinkanyezi ndawonye. Futhi siyazi, lapho leyo—lapho leyo izinkanyezi ingena kulowo mzimba wasezulwini, leso yisikhathi uMesiya angaso emhlabeni. UMesiya usesemhlabeni.”

231 Futhi njalo eminyakeni eminingi kangaka eyikhulu, zidlula ukuhamba kwazo futhi, niyabo, futhi-ke kunesipho esiza emhlabeni. Qaphelani.

232 “UMesiya usesemhlabeni, ngenkathi lelo—ngenkathi lelo qeqebana lezinkanyezi lihlangana ndawonye.” Futhi zazazi

ukuthi Wayekhona, ngakho zaya kwikomkhulu lenkolo, futhi ziqala ukuhamba, zithi, zahamba phansi naphezulu esitaladini, lawa makameli, “Uphi Lowo? Uphi Lowo? Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga. Ulapha ndawo ndawo. Uphi Lowo? Uphi Lowo? Uphi Lowo?” Hhe! Ukuthukwa okunje pho!

²³³ Zaya kumpristi omkhulu. Wathi, kungahle ukuba wathi, “Yini indaba ngani bafo? Ngani, nina sigejane sezinhlanga!” Niyabo? Ukuthukwa okunje pho, phezu kokuzuzwa kwabo ngempumelelo kwesayense! Ngamandla kaNkulunkulu, ziyibonile iNkanyezi yaKhe. Futhi zaziyizazi, zikhaliiphile. Zazisemkhakheni wesayense yezenkolo. Futhi zazazi, lapho lezo zinkanyezi zifika lapho, uMesiya wayekhona ndawo ndawo. Futhi lapha, indawo eyayifanele ngabe ikwazile, yayingazi lutho ngaKhe.

²³⁴ Bengingacabangela, izinganyana zimi esitaladini, zathi, “Ha! Bukani lokho. Ha! Leso yisigejane sezinhlanga. Zilaleleni, zithi, ‘Uphi Lowo, ozelwe eyiNkosi yabaJuda?’ Azazi ukuthi uHerode uyinkosi ezansi lapha. Azimazi umBhishobhi *S’bani*.” O, he!

²³⁵ “Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga.”

²³⁶ Bathi, “Wozani lapha, nonke nina zazi lapha, ngapha.” E-hhe. “Wozani lapha. Ngabe nonke niyayibona noma yiyiphi iNkanyezi?”

“O, angizange ngibone noma yini enjengaleYo.”

²³⁷ “Nonke nina bosonkanyezi wozani lapha. Ngabe nonke niyibonile noma iyiphi iNkanyezi noma kuphi na?”

“Qhabo. Qhabo.”

“Ngabe nibonile noma yini efana nayinoma yiluphi uhlobo lwesibonakaliso esingaqondakali na?”

“Qhabo. Asiboni lutho olunjalo. Qhabo.”

²³⁸ Lutho okwamanje, futhi. Into efanayo. Ababoni lutho. Abakwazi ukuKubona.

“E, ake singenise a—abefundisi. Nithini ngani nonke na?”

“Qhabo. Asikaze sibone Nkanyezi.”

²³⁹ “Awu, kuthiwani ngani bafo abagcina isikhathi, phandle lapha odongeni na? Niyazibhekisisa izinkanyezi. Niyazi njalo. . . Niyazi lapho konke ukuhamba kwenzinkanyezi okukhona emazulwini. Nizazi zonke izinkanyezi. Ngabe nike nabona noma yini na?”

“Qhabo. Asikaze sibone’nto.” Kodwa Yayilapho.

²⁴⁰ Udumo kuNkulunkulu! O, he! AniYiboni na? Ilapho manje, futhi abakwazi ukuYibona. Iyaqhubeka, ngakubo ngqo, futhi abakwazi ukuYibona.

241 “Qhabo. Asibonanga lutho. O, ngiwelele lapho. Angibonanga lutho.” Impela, awuyiboni. Uyimpumpithe kakhulu nje. Akusikho okwakho ukuba uYibone. Niyabo? Uma uphuphuthetheke kangako, ngani, impela, ngeke uYibone.

242 Yilabo nje uNkulunkulu azoYembula kubo. Yilowo oYibonayo. Bekuhlale kungaleyo ndlela. Impela.

243 KwakunguNowa owayengabona imvula ezibhakabhakeni, niyazi, kodwa bonke abanye babengenakuyibona. Niyabo? Abayibonanga imvula phezulu lapho, kodwa uNowa uyayibona.

244 Kwakungu-Abrahama owabona uSara ebambe ingane. Kunjalo. Akusibo abahleka usulu abathi, “Yise wezizwe, bangaki abantwana onabo manje na?”

245 Besingeza kanjani sehle ngeBhayibheli, izazi nabaprofethi, yonke indlela! “Ukukholwa kuyisiqiniseko ngezinto ezingabonwayo.” Bayazi ukuthi iZwi lakhuluma ngakho, futhi nakho. *Nabu* ubufakazi bakho. Bayabubona. Manje qaphelani. O, he!

“Izazi zethu aziyiboni leyoNkanyezi. Akukho lutho kuYo.”

246 Ngani na? Empeleni, lapho babebuka, futhi bangena neqembu elinjalo, iNkanyezi yaphuma.

247 Into efanayo namhlanje. Yilokho okucima ukuKhanya okuningi, kunjalo, kuhhukana neqembu elinjalo njengalelo, elingaKukholwa ngisho, endaweni yokuqala. Futhi sizoba kanjani no-nokuhlangana kwamabandla na? “Sizohamba kanjani ndawonye uma singavumelananga na?” Ikanjani inhlanganyelo ye. . .yalokhu lapha, emhlabeni jikelele, onke a—amabandla, amabandla ahlalengene omhlaba na? Sizohlangana kanjani ndawonye, uma sihlukene ngezigididi zamamayela na? Niyabo? Sizokwenza kanjani lokhu na? Ama-Evangelical enathi, *nalokhu*, *nalokho*, *nalokho*, nakho konke ndawonye, futhi nokho sihlalengene ndawonye nesigejane esingako senkohlakalo.

248 UNkulunkulu uthola uNkosikazi omsulwa, ongcwele, omsulwa, ohlala neZwi laKhe. Kulungile.

249 Ukuthukwa kukaJesu ngeZwi. (Futhi-ke sizoma, emzuzwini nje.) UJesu wathukwa ngenxa yeZwi. Bukani lapha. Wayengakumela kanjani ukuthukwa, lapho WayengonobuNkulunkulu, ongenwe uNkulunkulu na? WayenguNkulunkulu, Yena uqobo, enziwe inyama.

250 Manje, niyazi ukuthi iBhayibheli lasho njalo. “SaMphatha. IziNgelosi zaMbona.” Cabanga nje ngalokho. Ngiyakholwa uThimothewu ukubeka into enjengaleyo. Niyabo? Lokho, “Ngaphandle kwempikiswano inkulu imfihlakalo yokukhonza uNkulunkulu; ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, ebonwa yiziNgelosi.”

251 IziNgelosi zazisekuzalweni kwaKhe. Kufanele ukuthi iziNgelosi zabuka kanjani phansi futhi zathokoza, lapho

sezibuke phansi emkhombeni futhi zabona ongenwe uNkulunkulu. Amen. Akumangalisi baqala ukumemeza, “Namuhla, emzini kaDavide, kuzelwe uKristu uMsindisi.” IziNgelosi zathokoza, futhi zabhakuzisa amaphiko azo amakhulu ndawonye, futhi phezu kwamagquma aseJudiya, zahlabelela, “Udumo kuNkulunkulu kweliphezulu, ukuthula emhlabeni, nentando enhle kubo bonke abantu.” Zalibona iZwi likaNkulunkulu, ukuthi baLiqaphelisisa, ukuLibona libonakaliswa. Futhi nakho lapho Lalikhona.

²⁵² Manje, uSathane akakukholwanga lokho, niyazi. Wathi, “Uma Wena uyi. . .”

Ingelosi yathi, “Yiyo.” Yilowo umehluko.

“Uma Wena uyiyo, yenza *ukuthi-no-kuthi*. Ake siKubone ukwenza.”

Kodwa iNgelosi yathi, “Ukhona lapho.”

²⁵³ Izazi nesayense yazo yezenkolo, zathi, “Ukhona lapho.” Amen.

²⁵⁴ Yingaleso sizathu abaphenyi bezinto zasendulo nakho konke namuhla bamba lezi zinto, ezaprofethwa eminyakeni embalwa edlule, eziyofezeka. Futhi naba, bamba. Abazange ngisho. . .

²⁵⁵ Akukho mlando owake wathi uPonti Pilatu wake waba semhlabeni. Ngabe benikwazi lokho na? Abanye benu zinganyana zesikole ngitsheleni ukuthi kukuphi emlandweni okwathi kukhona uPonti Pilatu. Futhi abangakholwayo bakuhleka usulu futhi bahlekise ngakho, bathi, “Akukaze kube khona u—umbusi wamaRoma ogama lingu, u—umbusi ogama, linguPonti Pilatu.” Kodwa cishe emavikini ayisithupha adlule, bamba itshe legumbi: uPontiyu Pilatu, umbusi. O, he! Umbedo onjalo!

²⁵⁶ Bathi, “Akukaze kube khona iRamsese emlandweni, iRamsese phezu kweGibhithe.” Kodwa bamba itshe, ukuphenya ngezinto zasendulo: IRamsese, eyesibili. Qaphelani.

²⁵⁷ Futhi basho ukuthi lezo zindonga azizange ziwe phansi. Abaphenyi bezinto zasendulo babemba ngakhona, futhi, into yokuqala niyazi, bamba, phansi le phakathi lapho izindonga zawa khona eJeriko, niyazi, ngenkathi icilongo likhala. Bathi, “Lokho kwakuyingane kwane nje, iculo omunye umuntu alisho, walicula emuva lapho.” Ya. Abahleki abahleka usulu basho lokho. “Lokho kwakuyingane kwane nje. Akukaze kube khona into enjengezindonga ziwa, futhi uJoshuwa ebetha icilongo, futhi wagijima wenyukela ezindongeni futhi zawa. Akukaze kwaba nento enjalo.” Futhi abanye bomphenyi wezinto zasendulo omkhulu ongumKristu waqhubeka nje nokumba, ngoba wayazi ukuthi kwakufanele kube kanjalo. Wamba amafidi angamashumi amathathu nento, ngaphansi lapho konke

okwakho kwakukhona. Kwakukhona izindonga, zinqwabelene ngqo phezu kolunye nolunye, njengoba nje iZwi lasho.

²⁵⁸ Bathi, “Yayingekho into enjalo njengoDavide eke adlale ngokubethwayo kwakhe, ihabhu lezintambo, ngoba umnyuziki wentambo wawungaziwa kwaze kwaba sekhulwini minyaka leshumi nanhlanu.” Bathi, “Akukaze kube khona into enjalo.” Abaphenya izinto zasendulo bamba, ezansi eGibhithe. Eminyakeni eyizinkulungwane ezine edlule, babenokubethwayo okunezintambo. Amen. O, he!

²⁵⁹ Bathi, mayelana nabantwana bamaHeberu benza lawo matshe nezinto ezifana naleyo, ngotshani obomile, “Yayingekho into enjalo.” Abaphenya ngezinto zasendulo baya komba lapho. Batholani na? Leyo yisayense. Batholani na? Izindonga zomuzi amaHebheru awakhayo, iqegeba lokuqala lwamatshe lalingutshani obomile obude; elesibili laliqotshiwe ophisini abancanyanyana bamabibi; kanti elesithathu kwakungekho tshani obomile kulo, nhlobo. O, he!

Izizwe ziyahlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abizibikezela.

²⁶⁰ Yebo, mnumzane. Konke sekukhushulelwe kithi ngqo, mfowethu, dadewethu. Kungani kunjalo na? Eminyakeni embalwa edlule, awukaze umhlaba webhayisikobho uke wenza lokho okwenziwe. Esikrinini kuza indatshana ye *The Ten Commandments* kaCecil DeMille. Esikrinini kuza impilo kaJesu Kristu ngo*Ben Hur*. Esikrinini kuza i *The Big Fisherman*, inguquko kaPetru. Nayonke lemidlalo yezenkolo, okungukuthi amabhayisikobho enqabile, futhi angcolisa, futhi alahla. Kodwa, uNkulunkulu, emandleni aKhe anamandla, wakuqhumisa kwazwakala, ngokufanayo nje.

²⁶¹ Khona manje, lezozinto ezishiwo eminyakeni embalwa eyedlule, empofu, inceku encane ezithobile, mina uqobo, kaNkulunkulu. Ngathi, “Kukhona ukuKhanya okwama futhi kwakhuluma nami, futhi kwangitshela izinto okumele ngizenze.” Abantu bahleka futhi bathi, “Uthe ukuphambana kancane ekhanda.” Kukhona isithombe saKho. Isayense yaKuthatha. Kulapho. YiQiniso.

Ngathi, “Owesifazane usibekelwe ngukufa.”

²⁶² Bathi, “Njengethunzi, manje, lowo umbhedo. Uyazicabangela lokho nje.”

²⁶³ Kukhona isithombe sakho. UNkulunkulu uyokwenza amadwala amemeze. Uyakwazi ukwenza lokho Afuna ukukukwenza.

²⁶⁴ UJesu, ukuthukwa kweZwi. INdodana enobuNkulunkulu kaNkulunkulu imi lapho, uEmanuweli, ihlazo elinje pho! Makuthi isoni esingakholwayo siMbophe, sikhafulele ebusweni baKhe, futhi sihluthule idlanzana lentshebe, futhi siMfuno

ukuba enze noma yini ngakho. Ukuthukwa kweZwi! E-hhe. Ini na? Ukugcwalisa iZwi likaBaba. O! Kodwa, khumbulani, Umele amele ihlazo lokufa. UNkulunkulu, Ongenakufa, futhi Yena kuphela ongafa ukuze asindise isoni. Akekho omunye, akekho umuntu wesibili noma umuntu wesithathu, owayengakwenza. UNkulunkulu qobo lwaKhe nguYe ongakwenza. Futhi nakhu lapha Ayekhona.

²⁶⁵ Wathi, “Akukho muntu owake wenyukela phezulu kepha Lowo owehlela phansi, ngisho iNdodana yomuntu manje eseZulwini.” Amen.

²⁶⁶ Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane.”

“Futhi bafile,” Wathi.

“Futhi Wena uthi Uyisinkwa sokuPhila na?”

²⁶⁷ Wathi, “Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA. NgiyiSinkwa sokuPhila. Ngingu NGINGUYE.”

²⁶⁸ Bathi, “Awunayo iminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi Uthi ‘wabona u-Abrahama?’”

²⁶⁹ Wathi, “Ngaphambi kokuba u-Abrahama abekhona, NGIKHONA.” Bese-ke uvumela izoni ziMbophe, ibandla lehlelo, liMbophe.

²⁷⁰ Niyakhumbula, ngosuku lokugcina, lelibandla elicebile laseLawodikeya, baMkhiphela ngaphandle, ngisho, aphume ebandleni. Niyabona ukuthi sekukuphi manje na? Ningabona ukuthi kungani ngimemeza ngokumelene naleyo nqubo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²⁷¹ Kungani uJesu avumela izoni ziMbophe na? Kwakungukugcwalisa iZwi, ukuletha ukuthukwa kuNkulunkulu, efa. UNkulunkulu kwakudingeka afe. Kwakudingeka abe yinyama, ukuze afe. Futhi uJesu wayekwazi lokho. Wabatshela ngakho. Wathi, “Dilizani lelithempeli, futhi Ngizolivusa futhi.” Hhayi omunye umuntu alivuse. “Ngizolivusa. Ezinsukwini ezintathu, Ngizokubuyisela ngqo emuva futhi. Lidilizeni; Ngizolivusa. NjengoJona owayesesiswini somkhomo, izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kanjalo neNdodana yomuntu izoba senhliziyweni yomhlaba.” Futhi abakuqondanga ngisho. Niyabo? Ukuthukwa kweZwi, Wa—Wayeyilo.

²⁷² Manje, bahleka usulu ukufa, ukuvuka futhi ekuPhileni okuPhakade. Kwakudingeka kuqala ukuba abulawe, ukuze Avukele ekuPhileni okuPhakade, futhi alethe sonke esinye isidalwa esingumuntu (esasisesimweni saKhe) ekuPhileni okuPhakade, esiyoKumukela. Niyabo? Yena ube isidalwa esingumuntu, uba isihlobo somndeni esinguMhlengi, futhi kwadingeka amele ukuthuka kwakho konke ukuhleleka usulu, nakho konke ukwenziwa inhlekisa, njengabafo abayizinceku zaKhe benza phambi kwaKhe. NjengoMose, njengoNowa, njengabo bonke abanye abamela lokho kuhlekwa usulu,

Wayedingeka amele ukuhlekwa usulu. Ngani na? WayeneZwi, futhi WayeyiZwi. Yingakho baMhleka usulu kunanini-nini. WayengonobuNkulunkulu neZwi uqobo lwaLo. Haleluya! Yilokho okwaMenza.

273 UJesu wathi, “Nina bazenzisi.” Wathi, “Nakha amathuna abaprofethi, futhi yini enabafaka lapho. Bafika neZwi likaNkulunkulu, futhi anibakholwanga. Ninecala ngamunye wabo.”

274 EPhoenix, uNkulunkulu ethanda, ngishaya izwi ngolunye usuku. Ngizobeka icala lesi sizukulwane ngokubulala uJesu Kristu, siMbethela kabusha. Ngizoletsa ukubekwa icala ngaphambi kwaleyo nhlangano yabefundisi, uNkulunkulu ethanda. Banecala ngeGazi likaJesu Kristu, ngokuMbethela kabusha. Yebo, mnumzane. Beka icala wonke!

275 UPetru wababeka icala, ngoSuku lwePentekoste. Wathi, “Nina ngezandla ezibuthakathaka nibethele iNkosana yokuPhila, leyo uNkulunkulu ayivusile. Singofakazi.” Waletha ukubekwa kwecala.

276 Ngizothatha iZwi likaNkulunkulu, ngibeke icala onke amahlelo akhona, nayo yonke indoda ebusweni bomhlaba, enecala leGazi likaJesu Kristu. Nkulunkulu ngisize ngibe ngummeli waKhe ngalolo suku. Amen. Yebo.

277 O, abahleki abahleka usulu bahlekisa ngaYe. BaMthuka. Wahhlala naKho ngqo. Amen. O! Bhekisisani Akwenzayo. WayeyiNdodana kaNkulunkulu, wahlupheka ngokufa ukuze abulale isono. Wayedingeka enze lokho. I...Yileyo ndlela kuphela esasibulawa ngayo. Futhi Wenza lokhu, futhi wakumela, ngoba bonke abanye benza.

278 Ngoba, bonke emuva lapho babe neZwi likaNkulunkulu elincanyana. Isizathu, uJesu washo njalo. “I—iZwi leNkosi lafika kubaprofethi. Futhi yimuphi kubo,” Wathi, “ukuthi oyihlo, inkolo yenu ehleliwe, abangayikhandanga ngamatshe futhi bayibulala na? Yimuphi kubo owamukela abaprofethi na? Khona-ke nakha ithuna labo ngemva kokuba sebehambile.” Wathi, “Ninecala lokubafaka lapho.”

279 Khona-ke wabanikeza umfanekiso ngokuqashwa kwesivini, nezinceku ezafika. Baziphatha kabi, khona-ke ekugcineni zathi, “Manje sizobulala indodana, ngoba iyindlalifa.” Niyabo? O, zathukuthela lapho sezibone lokho. Niyabo?

280 Kodwa Wayefanele amele ukuthukwa. Futhi lapha Uzibophile Yena uqobo, waholelwa ekufeni, ukuze abulawe, ukubuyisa ukuPhila okuPhakade. Udumo kuNkulunkulu! O, ngiMthanda kanjani! Ukubuyisela ukuPhila okuPhakade futhi avuse yonke indodana kaNkulunkulu, phansi kudabule onyakeni, owama naleloZwi futhi wathatha ukuthukwa. Kunjalo.

²⁸¹ Ukuba Wayengafikanga, uNowa wayengeke avuke. Ukuba Wayengafikanga, u-Eliya wayengeke abuye. Ukuba Wayengafikanga, uNowa wayengasoze avuke, ukuba Wayenga...ukuba Wayengafikanga. Isizathu, Wayeyilelo Wundlu elamiselwa ngaphambili, eliza ukuthatha ukuthukwa phezu kwaKhe, futhi life ukufa kwalo lonke iZwi likaNkulunkulu elakhulunywa, futhi lamadoda alungile ayelimele. Wayefanele. Akekho omunye owayengakwenza. UNkulunkulu qobo lwaKhe, futhi Wafika futhi wathatha indawo, ukuze ahlenge futhi anikeze ukuPhila okuPhakade kuyo yonke indodana kaNkulunkulu emele iZwi elifanayo futhi yayiyohlupheka ngokuthukwa. Yonke indodana kaNkulunkulu, phansi kudabule onyakeni, eyayiyomela ukuthukwa, kwakungekho muntu owayengamhlenga, kodwa ngokukholwa wabona lowo Mhlengi eza.

²⁸² UJobe waMbona. UJobe wamela emuva lapho, futhi bathi, “O, uyisoni esifihlakele. UNkulunkulu ukuphatha kabi nje, ngoba uyisoni esifihlakele.”

²⁸³ Wathi, “Ngiyazi uMhlengi wami ukhona. Ngezinsuku zokugcina Uzoma emhlabeni. Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho, enyameni yami ngiyombona uNkulunkulu.”

²⁸⁴ Umkakhe wathi, “Kungani ungaMthuki futhi ufe na?” Wathi, “Ubukeka njengowokuhawukelwa olusizi.”

²⁸⁵ Wathi, “Ukhulumisa okowesifazane oyisiwula.” Amen. Nakhu lapho Ayekhona. “Ngiyazi ukuthi Uyaphila, futhi Uzokuma ngoSuku lokugcina.”

²⁸⁶ Ukuba uJesu wayengafikanga, uJobe ngabe akahlengwanga, ngoba Wayeyiwundlu elahlatshwa ekusekelweni kwezwe. Wayayeyazi indawo yaKhe. Wayesazi isikhundla saKhe.

²⁸⁷ Yilesi isizathu, uMariya wasiqonda leso sikhundla, ngalolo suku ngenkathi ephuma lapho. Wathi... “Uma mina... Bewulapha, umnewethu nga engafanga.”

Wathi, “Umnewenu uzakuvuka.”

Wathi, “Yebo, Nkosi, ovukweni. Wayengumfana olungile.”

UJesu wathi, “Kodwa NGINGU kuvuka. Uyakukholwa lokhu na?”

²⁸⁸ Wathi, “Yebo, Nkosi, ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu eyayizofika ezweni.”

Wathi, “Nimumbele kuphi na?” O! Nakho lapho ukhona. E-hhe.

²⁸⁹ Wakuqonda. Lowo wesifazane omncane wayengasho lokho. Wayenodeveli abayisikhombisa abakhishwa kuye. Wayewazi amandla kaNkulunkulu, ayengathatha ukuziqhenya nencindezi nakho konke, akususe kuye, ayengathatha lowo

omncane, umoya wobugovu wasesikoleni esiphakeme uphume kuye, futhi ayengamenza isidalwa esisha. Wakhhipha odeveli abayisikhombisa. Labo besifazane babazi lokho Ayeyikho, owaMamukela.

²⁹⁰ Bayazi ukuthi yini Angabenzela yona. Bakanjalo nanamhlanje, futhi. Kwamukele nje. Lokho ngokulandelayo.

²⁹¹ Nakho lapho Ekhona. Owesifazane washo lokho. Futhi Yena . . . Niyazi ukuthi kwenzekani. O!

²⁹² Bonke abayohlupheka ngeZwi elifanayo, Wafela leyonhloso. KwakunguYe kuphela owayengafa, ukukwenza, ngoba WayeyiZwi. WayeyiZwi, iZwi elibonakalisiwe. Bonke omunye babekade benokujula okuncane, kepha lapha kwakungukugcwala kukaNkulunkulu, kuYe. Okufanayo Ayikho namuhla. AmaHebheru 13:8, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” Lalelani.

²⁹³ Ngiyavala, ngempela. Ngizokwenza, ngifanele nje. Sengisidlule kude isikhathi.

²⁹⁴ Akazange alobe negama elilodwa. Ngabe Waliloba na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Akazange alobe gama. Kungani na? WayeyiZwi. Wayeyini na? AmaZwi ayekade elotshiwe, Wayengukubonakaliswa kwaleloZwi. Udumo! Whewu! Manje ngizizwa ngikahle. WayeyiZwi. Wayengadingekile ukuba alobe lutho. WayeyiZwi, leliZwi elilotshiwe libonakalisiwe. Udumo kuNkulunkulu! Unguye namuhla, izolo, namuhla naphakade. UyiZwi, iZwi elibonakalisiwe.

Wena uthi, “Ngabe kunjalo, Mfowethu Branham na?”

²⁹⁵ Bhekisisani uJehova ema emuva lapho futhi ephetha ngaphesheya okufana namagagasi ngaleya, futhi wenzela u-Israyeli indlela ukuba adlule kuyo.

²⁹⁶ Bhekisisani uJehova esenyameni, uthi, “Thula, uthi du.” Lapho amaza ayeshaya ogwini, esivunguvungwini, futhi udeveli emunca kuyo yonke into, kanjalo, Wathi, “Thula, uthi du.” Futhi-ke saMlalela; imimoya nakho konke. WayenguJehova. Amen.

²⁹⁷ Lowo Jehova owayengama ngaleya futhi afafaze amazolo ambalwa, alenze liwe emhlabeni futhi enziwe isinkwa, ukondla abantu.

²⁹⁸ Wema futhi wathatha izinhlanzi ezinhlanu, noma, amaqebelengwane amahlanu nezinhlanzi ezimbili, futhi wondla izinkulungwane ezinhlanu.

²⁹⁹ WayeyiZwi. Amen. Amen. UyiZwi, futhi Uzohlala eyiZwi. Futhi mina nendlu yami, siyokhonza iZwi.

O, ngifuna ukuMbona, ngifuna ukubuka ubuso
 baKhe,
 Lapho ngicula njalonjalo ngomusa waKhe
 osindisayo;
 Ezitaladini zeNkazimulo, mangiphakamise
 iphimbo lami;
 Lapho zonke izinkathazo sezedlule, ekhaya
 ekugcineni, ngithokoze njalonjalo.

³⁰⁰ O, he! Yebo. Thwala ukuthukwa kweZwi. Kukhona ukuthukwa okuhambisana neZwi. Hlala ngqo neZwi, futhi uthwale ihlazo.

Asikhuleke.

³⁰¹ Jesu, njengobunye ubusuku, Nkosi, ngakhala, “O uJesu, Ufuna ngenzeni na? Ngingenzani, Nkosi na? Ngibona lezi zinto, futhi ngazi ihora esiphila kulo, ngingenzani, Nkosi na? Ngingenzani na?”

³⁰² Ngikhulekela ibandla lami elincane lapha, Nkosi. Ngicabanga ngezinyoni ezincane embonweni, izinto ezike zaba khona; nezinye izinyoni, ezaziyizinto ezinkulu. Kodwa kwakukhona izitaki ezintathu zazo, Nkosi. Kodwa ngenkathi lezo ziNgelosi zingenelela, kwakungekho zinyoni ezisele. Izithunywa ezincane zibe yisimangaliso, Nkosi, kodwa ngikholwa ukuthi kukhona into ethize elungiselela nje ukwenzeka. Makube njalo, Nkosi. Sibumbe futhi usifanise nendlela yaKho. Si—silubumba. Wena unguMbumbi.

³⁰³ Kululusuku olwandulela uKhisimusi, Nkosi, siyabonga ngesipho sikaNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu usipha sona. Nakuba lokhu kungaba okunye, njengoba sikholelwa ezinhliziyweni zethu, ezinye izinkoleloze zabahedeni zosuku abazamile ukuyibumba futhi bayenze ibe njenge—ngemisa, imisa likaKristu, kodwa asizi ngaleyo ndlela kaSanta Claus nezihlahla zikaKhisimusi ne—nemihlobiso. Kodwa siza eGameni leNkosi uJesu, ukukhonza uNkulunkulu waseZulwini, owenziwe wangena, enyameni njengathi, futhi wahlala phakathi kwethu, ukusihlenga; futhi wahlupheka ngokuthukwa kweGama, wahlupheka ngokuthukwa kwesiphambano, ukuvumela isikhungo sezwe sibeke u-Emanuweli ekufeni, ukuze Asilethe ekuPhileni okuPhakade.

³⁰⁴ Singobani, Nkosi na? Singobani, ukuthi sifanele sigweme nayinoma yikuphi ukuthukwa na? Nkulunkulu, senze amabutho angamaqhawe. Nginikela lamazwi kuWe, Baba. Angahle ukuba aphuliwe; ngikhathele futhi ngikhandlekile njengoba nginjalo. Kodwa, Baba, vuza laba bantu ngokuhlala nokulalela. Futhi kwangathi amandla avusa iNkosi yethu, futhi aMethula kithi lapha ukuba abe uMsindisi, kulolu izinsuku zokugcina, kwangathi angaphilisa yonke imimoya ephakathi lapha, Nkosi, ekusondeleni kokuFika kweNkosi uJesu. Makube njalo, Baba.

³⁰⁵ Phulukisa abagulayo nabahluphekile abaphakathi kwethu. Bopha izinhliziyi eziphukile. Nkosi, si... Sidlule kokuningi kakhulu, inhliziyi yami inezibazi eziningi kakhulu kuyo, Nkosi, ezimpini ezinzima. Ngingumakadebona omdala. Ngisize, Nkosi. Ngidinga usizo lwaKho. Mhlawumbe konke lokhu kuqeqeshwa kube ngokwenhloso. Ngithemba ukuthi kube yikho, Nkosi. Ngisize, O Nkulunkulu. Futhi siza leli bandla. Futhi usibusise, ndawonye.

³⁰⁶ Busisa abantwana abancane. Ngicabanga ngabaningi namuhla, abancane, abafu abancane abampofu abangeke bamukele lutho laphaya. Futhi ngi—ngikhulekela ukuthi Uzoba nabo futhi ubasize. Banike ukuPhila okuPhakade, Nkosi. Lokho ngokukhulu... leso yiSipho sikaKhisimusi esisifunayo, ngukuPhila kukaJesu Kristu ukuba kulawule futhi kubuse enhliziyweni yami. Yilokho engikufunayo, Nkosi.

³⁰⁷ Sibusise, ndawonye manje. Sinikela lamaZwi kuWe. Mabawe nomaphi lapho befisa khona, Nkosi. Nomaphi lapho lezo zinhliziyi zivulekile khona, kwangathi bangaveza isikhathi esikhulu sensindiso, eGameni likaJesu. Amen.

³⁰⁸ Noma ubani o... Bangaki abamthandayo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niba sekuphuthumeni okungako ngakho, noma kanjani na? O, ngiyaMthanda! NgiyaMthanda. "Nkosi, Ufune ngenzeni na?"

³⁰⁹ Ningakhohlwa izinkonzo kulobubusuku. Niyazi ukuthi uKhisimusi usho ukuthini manje na? O, *Lesi* yisipho sami sikaKhisimusi. *Leli* yileloZwi. Nkosi, uma nje ngingavumela mina uqobo, uma nje ngingaziqhelisa mina uqobo endleleni ukuze iZwi laKho lingaKuzwakalisa, Lona uqobo liphume lidlule *ngapha*, leyo yi—leyo yinto enkulu kunazo zonke engaziyo ngayo.

³¹⁰ Manje ngicabanga ukuthi banezinto ezithile abafuna ukuzinikeza abantwana. Manje ngizobuyisela inkonzo kuMfowethu Neville. UNkulunkulu anibusise.

Mfowethu Neville.



UKUTHUKWA NGENXA YEZWI ZUL62-1223
(The Reproach For The Cause Of The Word)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto ekuseni, ngoDisemba 23, ngo 1962, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2020 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org